# UKUYEKELA INGCINDEZI

INkosi ikubusise, Mfowethu.

2 Sanibonani kusihlwa, bangane. Kuyinhlanhla ukubuyela lapha futhi, kulobubusuku, e—engqungqutheleni yombuthano omkhulu; kube usuku olukhulu kithi sonke, ngiqinisekile. Ngibe nesikhathi esimnandi kulokhukusa enhlanganyelweni ngaseZwini likaNkulunkulu, nabantu ezansi esidlweni sasekuseni sabefundisi. O, sifisa sengathi ngabe nonke benilapho. Bebengenayo, ngiyacabanga, indawo yabantu, kodwa, ukubangenisa, kodwa sibe nenhlanganyelo enhle nje, futhi (Ngiyabonga.) isikhathi esihle kangaka phakathi kwabazalwane.

3 Khona-ke namuhla kube uhlobo lo—usuku lwami lokuba nje ngibone abaningi babangane bami futhi ngivakashe. Futhi kade bebona uMoya oNgcwele wembula, futhi ukhombisa, futhi ulungisa izinto.

4 Omunye ubengitshela, bekufanele kube yintambo encane ibekwe lapha, noma okuthize, kwe—ingane encane ebinekhanda elinamanzi izolo ebusuku ekhulekelwe. Futhi, o, bekungokukhulu kakhulu, ikhanda elikhulu elinamanzi, futhi ibilele lapho emva kwekhethini.

5 Ngenkathi singena, umama omncane...Futhi saya ngale, futhi kuthe nje ukungithinta ukucabanga ngomfo omncane ompofu, kungekho ithuba, into encane nje, nekhanda layo elincane belivuvukele, imithambo emikhulu kakhulu iphumela ngaphandle, nesilevu sayo esincane nobuso cishe bubanzi *kangako*, nekhanda layo elicishe libe *njena*. Futhi *ngandlela thize-enye*, eguqa lapho nje futhi enikela umkhuleko wokukholwa, futhi ebeka izandla phezu komfo omncane, futhi ephonsela inselelo udeveli owenze umsebenzi. Ngathi kumama omncane, "Uyakholwa na?"

Waphakamisa amehlo futhi wathi, "Kunjalo."

6 Ngathi, "Kukhona okwenzekile enganeni. Manje, ngifuna wazi lokhu, yana ekhaya," uhlala kude nalapha, futhi ngathi, "lapho ufika ekhaya ngifuna uthathe isilinganiso sekhanda lengane, bese-ke kusasa uthatha esinye isilinganiso, futhi uma ungeke ubuye, sithumele usibuyise."

7 UBilly ubengitshela nje emizuzwini embalwa edlule ukuthi balethe intambo, nekhanda lengane lishwabane amakwata amathathu e-intshi. Bayise kudokotela namuhla, futhi bebelokhu beyijova, ngiyakholwa, nsuku zonke, futhi u—futhi udokotela uthe isingcono kakhulu abasayidingi eminye imijovo.

Futhi imithambo emikhulu ebisekhanda layo isivele yashona phansi, awukho umthambo obonwayo.

8 Futhi kukhombisa nje ukuthi Uyaphila. Kuyamangalisa kakhulu! Ngijabula kakhulu ukuthi Uphendula umkhuleko, ngijabula kakhulu ngalokho. Futhi siyazi nje ukuthi noma ubani ozokukholwa, kholwa nje yiNkosi, kuzo—kuzokwenzeka, into efanayo, kuwe.

9 Niyabo, ikhanda lifanele, njengoba libuyela emuva, lifanele lithole indawo yalo njengoba lishwabana lishona phansi. Futhi manje, uma abantu elapha onomncinyane, ngani, thembeka nje kuNkulunkulu, nengane izosinda, manje. Lolo uphawu lokuthi uNkulunkulu uwuzwile umkhuleko wethu.

10 Futhi ngiyambonga uNkulunkulu, futhi ngi—ngibonga uNkulunkulu ngani, mama nobaba, nezihlobo, nabo bonke, bomncinyane. Ngiyazi ukuthi bengizozizwa kanjani ukube bekungumntwana wami. Futhi a—angeke ngizwe kokwenu njengoba bekungaba ngokwami, bengizobe ngikhuluma into eyiphutha, ngoba bengingeke ngikuzwe lokho, kodwa ngiyamzwela umntwana ngenhliziyo yami yonke.

11 Sisanda kuba nesikhathi ngithanda ukusho okuthile okwenzeka ngesinye isikhathi mayelana nalokho, umbono ongakafezeki okwamanje, futhi usazokwenzeka nokho.

12 Namuhla ngingene egumbini lapho bekukhona indoda eyigugu, uyise wabantwana abancane abahlanu, elele efa enomdlavuza omkhulu kakhulu. Futhi ngimbuka, mina... Uthe, "Udokotela uthi akukho okungenziwa." Futhi ubenengane encane enezinyanga ezimbalwa nje ubudala, umkakhe omncane emi lapho embuka, nomfo omncane obukeka emuhle, umyeni wakhe, nengane encane leyo... Angizange ngibabone, ngicabanga ukuthi bebevela le ndawondawo.

13 Ngakho nje, ufanele ubazwele labobantu. Ngicabanga ngalokho, abantwana abancane, abahlanu babo manje, bengenayise, lowo ngumsebenzi kadeveli. Ngakho thina... Ngithe, "Ngizokuthatha, ngokukholwa, ngikuyise egumbini likaNkulunkulu lokuhlinza, futhi ngizothatha uMmese wokuhlinza kaNkulunkulu, obukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, sihlela ngqo lapho lowodeveli elele khona, futhi simsike aphume ngeZwi." Ngicabanga ukuthi indoda iye ekhaya, ibi—bi... O, uNkulunkulu muhle kakhulu. Yayingumakhelwane wami, khona lapho engihlala khona.

14 Ngakho manje, kusasa ekuseni, iNkosi ithanda, Nginikezwe inhlanhla phezu kwabo bonke lababefundisi abakahle nothisha ukuba nesifundo sikaSonto sikole. Futhi uma iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngokuthi, ekuseni, *Ukubuyiselwa KwesiHlahla SoMlobokazi.* Futhi ngakho, uma ungekho ebandleni lakho uqobo, ngani, singajabula ukukukhipha,

ligamenxe ihora lesishiyagalolunye, kumbe noma yisiphi isikhathi ekuseni.

15 Bese-ke kusasa ebusuku, silindele ukuthi uNkulunkulu aphinde enze ngokuchichima ngokweqile ngaphezu kwakho konke esingakwenza noma sikucabange. Khona-ke sehlela kuMfowethu Bigby, ezansi eSouth Carolina, okobusuku obubili, uMsombuluko noLwesibili, bese kuthi-ke kusukela lapho sizondingeka siye ekhaya ukuze sidlulele eCow Palace eWest Coast, lapho esiya khona ngokulandelayo.

16 Manje ngaphambi nje kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMbhali, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko. Angazi, kulobubusuku, namakhanda ethu ekhotheme, futhi ngethemba ukuthi izinhliziyo zethu nazo ziseBukhoneni baKhe, bangaki phakathi lapha onokuthile enhliziyweni yakho ongafuna ukuthi uNkulunkulu akhumbule wena na? Vele uphakamise isandla sakho futhi uthi, "Nkulunkulu, ngikhumbule." Cishe amaphesenti ayikhulu.

17 Baba waseZulwini, kuhle kakhulu ukuza kuNkulunkulu ophilayo, sazi ukuthi UnguMeluleki wethu omkhulu, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaPhakade. Futhi siza eGameni laKhe kulobubusuku, phambi kwesiHlalo sobukhosi somusa waKhe, ukucelela zonke lezizandla eziphakamile. Phansi ngaphansi kwesandla enhliziyweni yomuntu Ubuwazi ukuthi yini ebilapho, Baba. Futhi kuyakhombisa ukuthi banesidingo nokukholwa, noma bebengeke baphakamise izandla zabo, kodwa bayakholwa, Nkosi, ukuthi omkhulu Ongabonwayo unathi. Bayakholwa ukuthi Uzosibona isandla sabo futhi wazi isicelo sabo, futhi ngineqiniso Usibonile, Nkosi, futhi emva kwalesosicelo bekungumkhuleko, futhi ngibeka owami nowabo phezu kwe-altare laKho, futhi ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzophendula ngamunye wayo.

18 Ngikhulekela bonke abefundisi lapha, izinhlangano zabo zamabandla. Futhi siyabonga, Nkosi, kakade ngobufakazi, kusukela kulobobusuku obubodwa bomkhuleko wabagulayo, baqala ukungena. Futhi ingane encane, Nkosi, o, ubufakazi enyangeni. UKristu uyiNyanga eyinhloko, Uphulukisa zonke izifo zethu, sibonga kakhulu ngalokho.

19 Manje, Baba waseZulwini, siyakhuleka ukuthi Uzoqhubeka nokuba nomndeni, yiba nabo bonke osekhulekelwe, futhi ungabavumeli nje babenokwethuka futhi bacasuke, kodwa balinde nje, futhi ukukhumbule ukuthi "Celani, bese-ke nazi ukuthi niyakuphiwa," UNkulunkulu washo njalo, angeke nje kwehluleke. Siphe khona, Nkosi.

Busisa iZwi laKho kulobubusuku, njengoba siLifunda, nengqikithi yomBhalo kwangathi inganikezwa thina ngamandla nangezibonakaliso zikaMoya oNgcwele.

20 Futhi uma sihamba kulobubusuku, ukuya emakhaya ethu ahlukene nezindawo zokuhlala ngalesisikhathi, ngiyakhuleka ukuthi kuzozwakala umsindo emgwaqeni nasezimotweni, njengalabo ababevela e-Emawuse. Ngenkathi bebone uJesu, lokho Akwenza emva kokuvuka, bazi ukuthi Wenza yona impela into efanayo emva kokuvuka Akwenza ngaphambi kokubethelwa, bazi ukuthi kwakunguYe, ngokuba kwakungekho-muntu owayengakwenza kanjalo, futhi bathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu?"

21 Siphe, kulobubusuku, ukuthi uMoya oNgcwele, uKristu ovukile, uzokhuluma kuyo yonke izinhliziyo, futhi kwangathi Angenza futhi enze izinto kulobubusuku, Azenza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, ukuze iBandla libe nesinye isiqiniseko sokuthi Uvukile kwabafileyo futhi uphila phakade. Sikucela, eGameni laKhe. Amen.

22 NginemiBhalo emibili kulobubusuku, emqondweni, engithanda ukuninakisa kuyo, omunye wayo iZaga, isahluko se 18, ivesi lama 10, omunye ngu-Isaya 32:2. Futhi kwiZaga, i 18:10, ngingathanda ukufunda lokhu:

> *Igama leNkosi lingumboshongo onamandla: olungileyo* ugijima *kuwo,* ba*londeke*.

23 Futhi ku-Isaya, isahluko se 32 sika-Isaya, futhi siqale ngevesi lo 1 nele 2:

> *Bheka, kuyakuba-khona inkosi ebusa ngokulunga* . . . isikhulu *zibuse ngokwahlulela*.
>
> *Umuntu uyakuba-yindawo yokucashela umoya, nesivikelo esivunguvungwini;* umfula . . . *njengemifula yamanzi endaweni eyomileyo, njengomthunzi wedwala ezweni eliyethileyo*.

24 Futhi ngidonsa kulokhu ingqikithi encane ebengizoyisebenzisa kulokhu ukusa esidlweni sasekuseni sabefundisi, ingqikithi encane nje ebenginga . . . cabange ingasisiza sonke, ngoba ngicabanga ukuthi ifanelekile, ngiyibiza ngokuthi: *Ukuyekela INgcindezi*.

25 Bengicabanga ukuthi, niyazi, siphila osukwini lapho kunengcindezi enkulu, futhi ngizama njalo ukucabanga ngento ethize ebiyosiza abantu abeza ukuzolalela iZwi. Uma nje ngima lapha futhi . . .

26 Anginabo ubuciko bokukhuluma, a—angisiye umuntu ofundile, futhi anginakho ukuqeqeshwa kobufundisi, ngakho-ke okuwukuphela kwento engingayenza ukutadisha nokukhuleka, futhi nje ngilandele ukuhola kukaMoya, ngicela uNkulunkulu ukuba asenzele okuthile obekuyosisiza. Yingakho sonke silapha kulobubusuku, hhayi ukuthi sibonwe, kodwa ukuze sisizwe, futhi leyo yinhloso yethu, inhloso yengqungquthela ingeyalokho, iwukuba, ukusiza othile, ukwenza ukuphila kube lula kancane.

27 Futhi lolusuku olukhulu esiphila kulo, lapho kunengcindezi eningi kakhulu, yonke into ibonakala ifakwe ingcindezi. Isikhathi esinzima kangaka, wonke umuntu uyashesha nje ngokushesha njengoba bengahamba, behla ngomgwaqo amamayela angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora bedabula yonke indawo yejubane, uma kungamashumi amabili, bahamba ngamashumi ayisishiyagalolunye noma kanjani. Abafanele bakwenze lokho, amaKristu awafanele, afanele anike uKesari okukaKesari; uNkulunkulu okukaNkulunkulu. Kodwa nakhu sihamba, ngamandla ethu onke, siphuthuma nje . . .

28 Futhi sinokwethuka kakhulu, angikholwa ukuthi amaKristu angempela ayakwenza lokhu, kodwa amaningi awo okhela usikilidi owodwa emva komunye. Kwenzenjani na? Ucabanga ukuthi lokho kuyakusiza na? Kukwenza ube nokwethuka kakhulu, kodwa uyakwenza. Odokotela bazobhala izindatshana, futhi bazifake ku—kumaphephabhuku, futhi bathi, "Umdlavuza ngomthwalo wemoto," bekutshela ukuthi kuyingozi kanjani ukubabhema, futhi, kodwa uyakwenza noma kanjani. Kwenzenjani na? Uzama ukuyekela ingcindezi.

29 Sithola abantu bephuza. Baphume, bagijime bazungeze, bexokozela ngapha nangapha, bese-ke bezama ukukuphuza bakususe. Ngicabanga ukuthi bacabanga ukuthi yileyonto abafanele bayenze. Lokho akuyiyekeli ingcindezi, lokho kwakha ingcindezi, ukuya entweni engalungile, indlela engalungile.

30 Khona-ke bazophuma futhi benze konke abangakwenza, noma ngabe kulungile noma akulungile, futhi—futhi isono, futhi bazame ukucasha kukho, futhi—futhi ucabanga ukuthi wenza okuthile okuhle kakhulu. Uzama ukwenzani na? Uzama ukucasha kokuthile, uyazi ukuthi unephutha. Akekho umuntu ongenza okungafanele ngaphandle kokwazi ukuthi akwenzayo akungalungile. Yona kanye imvelo ekuye, nakuba engumuntu owile, uyindodana kaNkulunkulu ewileyo, kukhona okuthile kuye okumtshela ukuthi akulungile.

31 Ayikho indoda engagijima nomfazi wenye indoda ngaphandle kokuthi yazi ukuthi akulungile, ayikho indoda engadakwa ngaphandle uma yazi ukuthi akulungile, akekho owesifazane ongagqoka izingubo ezingcolile ngaphandle kokwazi ukuthi akulungile, angeke uzenze lezozinto; kodwa wenzani na? Uzama ukuyekela ingcindezi, konke kusontekile, kuyatheleka.

32 Ngunyaka nje kalula wokuguliswa yimizwa esiphila kuwo, yisi—yisikhathi esiphila kuso, ingcindezi.

33 Bengikhuluma ngakho, lapha kungekudala, ngise-Afrika ngibuka iwundlu elincane phandle lapho abomdabu babenesibaya esincane, futhi babededela umfo omncane aphume, futhi wayedla, futhi khona manjalo waba nokwethuka

ngempela, futhi ngacabanga, "Yini inkinga ngomfo omncane na?"

34 Kodwa njengoba ngangibuka, akakwazanga ukukubona, kodwa ebangeni lapho kwakukhona ibhubesi elikhulu elinomhlwenga ophuzi, linyonyoba otshanini, lalihogele iwundlu elincane futhi laliya kulo. Niyabo, lalonokwethuka nje, lalingazi ukuthi kungani; ngezinye izikhathi sikubiza ngokuthi ukubikezela. Manje, isizathu sokuba libe nokwethuka, alizange lilibone ibhubesi, kodwa into ethize nje, lalazi ukuthi ukufa kwakuqamekele eduze.

35 Umhlaba ubukeka ukulesosimo esifanayo, uyazi ukuthi okuthile kulibala eduze, kukhona okulungiselela ukwenzeka, kwakha ingcindezi, kusobala, esonini, kodwa umKristu, ofundiswe eZwini, ubefanele azi ukuthi lokho ngukuFika kweNkosi. Bekufanele kwakhe ijubili elikhazimulayo kumKristu, azi ukuthi ukuphela kuseduze.

36 Omunye wathi, esikhathini esingeside esidlule, kimi, wathi, "Mfowethu Branham, we—wesabisa abantu lapho ukhuluma ngokuthi, 'Angahle afike ngehora elilandelayo.'"

37 Ngathi, "Ngebesabisa baphi abantu na? Hhayi abantu *baKhe*." Niyabo? Lelo inothi elikhulu kunawo onke esingalizwakalisa, yilokho esikubhekile, "Bheka, uMyeni uyeza." Awu, yilokho esikuphilelayo, yilelohora esiliphilelayo sonke, angazi lutho obelungaba lukhulu kunalelohora. Kodwa esonini, kusobala, kuyinto eyesabekayo.

38 Ngangikhuluma ngesinye isikhathi, ngingena ngiphuma ezindaweni ezehlukene, ngishumayela, kodwa ndawondawo kufanele ukuthi ngenza lokhu kuphawula, kungahle ukuba bekulapha, kodwa uma isiphepho sikhuphuka phezu kwe—kwezwe elomile, futhi singawuzwa lowomoya opholile, siyazi ukuthi imvula ilungiselela ukuza. Bekufanele kusijabulise ukuphefumula, ngoba lowomoya ufike ngemvula, futhi nje kuyisimemezelo sangaphambili semvula ezayo.

39 Futhi lapho amaKristu ebona into eyenzekayo namuhla eyenzekayo, wukumenyezelwa kwangaphambili kokuFika kweNkosi. Singawuzwa umoya ohelezayo kukho, sekusondele kakhulu. Yeka umuzwa oqabulayo kulabo abangasesabi isiphepho, ukuba nendawo yokuhlala!

Yebo, ukuphuza, ukucasha, kwakha ingcindezi, akuyiyeki.

40 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule bengisedolobheni lakithi, nomelusi wethu...Kade ngimfuna, ufanele ukuba lapha, uMfowethu Neville, umfowethu okahle, siyamthanda ezansi ngendlela yethu. Futhi wayeyiMethodisti, uvela esikoleni seMethodisti. Futhi wangimema, cishe eminyakeni engamashumi amabili edlule, ezansi ukuba ngimshumayelele ubusuku obubodwa ebandleni leMethodisti edolobheni elingezansi kwethu. Futhi ngimi lapho ngishumayela futhi

ngikhuluma naye, ngiyabuya, ngathi ebandleni, "Niyazi ukuthini? Ngizombhaphathiza ngolunye lwalezizinsuku, futhi uNkulunkulu uzomnika uMoya oNgcwele." Futhi Wakwenza, manje ungumelusi phezulu lapho.

41 Wayengaguli, wayekhandleke kakhulu nje engakwazi nokuqhubekela phambili, futhi ngangizama ukushaya izingcingo zami, futhi ngakho, kwenzeka ukuba ngibe, ngicoshe olunye olwakhe. Ihhovisi lashaya ucingo futhi lathi, "Dlula esibhedlela, futhi ucele owesifazane *othize-thize*." UMfowethu Neville uyodingeka ashayele cishe amamayela angamashumi amathathu ehla, noma, amamayela angamashumi amabili ehla, amamayela angamashumi amabili ebuya. "Hamba uyokwenza lezizingcingo *ezithile-futhi-ezinjalo*."

42 Ngaphuma ngaya esibhedlela, futhi banginika igama lenenekazi, nokwalo . . . Mina . . . Wathi, "Kufanele kube ngukuthi," bacabanga, "*esitezi* esithile." Lokho kwakusesitezi sesithathu sesibhedlela, ngaphumela esibhedlela futhi ngaqala phansi.

43 Kwakukhona umhlengikazi omile lapho efake isifihla-buso esincane esilengela phansi, ngathi, "Sawubona kusihlwa," futhi akazange athi vu. Futhi ngathi, "Ungangitshela ukuthi kuphi, uma lelinenekazi likulendawo noma qha?" Ngathi, "Bangitshele ukuthi belisegumbini elingu-331."

Wathi, "Khona-ke, hamba ubheke!"

Ngathi, "Ngiyabonga. Yebo, Memu." Ingcindezi.

Ngehlela egumbini, futhi kwakukhona cishe abantu abane lapho, futhi ngathi, "Ingabe uNkk. *S'bani-bani* ulapha na?"

"Qhabo, mnumzane, akekho."

44 Awu, ngacabanga ukuthi mhlawumbe bebeqonde u-231, ngakho ngaya ku-231, noma, ngiqonde u-321, esikhundleni sika 31, babengazi lutho ngalo. Ngabuyela emuva ngenyuka, futhi kwakukhona udokotela omncane ehlezi phezulu lapho ngaleyonkathi, ngempela . . . uma ngake ngayibona indoda eyayibanzi njengoba wayephakeme, kwakuyilowomfo omncane, futhi wayebhala, futhi ngadlula, ngabheka phezulu, wathi ukuphakamisa ishiya lakhe futhi wabheka, ngacabanga, "Kungcono ngingasho lutho." Ngakho ngaqhubeka ngakhuphuka. Ngibabonile bonke bebengaphansi kwengcindezi ngesizathu esithile.

45 Futhi ngakho, ngacabanga ukuthi mhlawumbe kungaba sesitezi sesibili, esikhundleni sesithathu, ngakho ngehlela esitezi sesithathu, e, sesithathu, noma, sesibili, ngase ngiya kumhlengikazi lapho, futhi ngathi, "Nenekazi, ngididekile kancane, ngizama ukufinyelela kongibizile ogulayo, ngingumfundisi." Ngathi, "Ungangitshela uma lelinenekazi lise . . . bathe u-331, kodwa mhlawumbe u-231."

Lathi, "Khona-ke hamba uyothola."

Futhi ngathi, "Yebo, Memu. Ngiyabonga ngolwazi lwakho."

Ngehlela lapho, futhi bathi, "Qhabo, alikho lapha."

46 Ngakho ngiyabuya, futhi ngiyabuya futhi, futhi ngacabanga, "Awu, ngizobuyela esitezi esiphezulu futhi." Ngabuyela phezulu esitezi sesithathu, futhi ngaqala phansi, ngacabanga ukuthi mhlawumbe lokho bekungaba se, mhlawumbe kwakungu 320, noma—noma okuthize. Awu, angikwazanga ukuthola ukuthi u-320 wayekuphi. Futhi ngakho, owehla ngehholo kwakuyilodokotela omncane nezipopolo zakhe zokuxilonga isiguli, ezishwiba ngapha nangapha, futhi ngahamba ngedlula kuye, futhi ngathi, "Sawubona kusihlwa, mnumzane." Akazange athi vu. Ngathi, "Ungangitshela ukuthi ukuphi okubili, noma, u-320 akhona na?"

Wathi, "Nga*le*ndlela, nanga*leyo*ndlela."

Ngathi, "Ngiyabonga ngolwazi lwakho."

47 Kuyi na? Ingcindezi. Ngabuyela phansi edeskini, futhi kwakukhona omunye umhlengikazi, ngacabanga, "Ngizophinda ngikuzame futhi." Ngalesosikhathi ngangiqhaqhazela kancane futhi ngimadolonzima kancane ukubuza, futhi ngathi, "Nenekazi, ungangitshela ulwazi oluthile na?" Ngaphinda ngedlula kukho nalo futhi.

Futhi wathi, "Umzuzwana nje, Mfundisi, ngizobheka eshadini."

Ngacabanga, "Akabongwe uNkulunkulu!" Nga—ngayekela ingcindezi ethile.

Ngakho wabheka phansi, wathi, "O, useshintshiwe, ungale egumbini *elithize-thize*."

Ngathi, "Ngiyabonga, kakhulu."

48 Niyabo, kugcwele ingcindezi, odokotela bangaleyondlela, abahlengikazi bangaleyondlela; izazi zezifo zengqondo zinyanga izazi zezifo zengqondo. Niyabo? Ingcindezi, kukhona okungalungile. Kubukeka kuyinqaba nje, umhlaba wonke uhamba ngandlela *thize*. Ukwethuka kunyanga ukwethuka.

49 Kodwa uyazi, kukho konke, odokotela abanayo impendulo, isibhedlela, ezokwelapha, abanayo impendulo, ngoba nabo bethukile. Kodwa Munye kuphela onempendulo, lowo nguNkulunkulu, Unayo impendulo.

50 Ukushaqeka bekulokhu kunabantu. ETestamenteni eLidala, ngenkathi u-Israyeli efika ngale ePalestine futhi wadla ifa lezwe uJoshuwa wakha izindlu ezazibizwa ngokuthi "indlu yesiphephelo." Yilapho abantu ababengaya khona uma bebulele umuntu othile, noma isitha sabo sasibajaha, babekwazi ukuya kulendlu, noma, umuzi wokuphephela, futhi babengama esangweni futhi bakwazi ukuziphendulela ecaleni labo. Futhi

manje, uma babekwenze ngamabomu lokhu, awu, khona-ke lalingekho ithemba ngabo.

51 Kuyafana nanamuhla, umuntu uyabaleka, futhi ubalekelani na? Yini indaba ngaye na? Akanakho ukuphumula, uhamba nje njengomuntu ohlanyayo.

52 Futhi kuleliTestamente eLidala, uma lomuntu wayenze lokho ngamabomu, khona-ke wayengenalo ithuba, kodwa uma engakwenzanga ngamabomu, kube *ngokuyingozi*... Futhi baningi kakhulu abantu namuhla ukuthi ngengozi, abaqondile ukwenza okungalungile, manje, likhona ithemba ngalowomuntu. Uma ufuna... Uma wenza okungalungile futhi ungaqondile ukwenza okubi, likhona ithuba lakho, ikhona indawo yakho. Kodwa uma nje ngamabomu wona ngamabomu, futhi ungafuni indawo yokuphephela, khona-ke akukho lutho ngawe.

53 Ngenkathi lomuntu eTestamenteni eLidala, ababulali bakhe babemlandela, nezihlobo zalababantu zazazi ukuthi uma zike zambamba ziyombulala, ngoba umthetho wawungukuthi "izinyo ngezinyo, neso ngeso," ngakho babenelungelo lokumbulala, ngoba wayenze okungalungile, futhi, uma beke bambamba.

54 Kusobala, wayengaphansi kwengcindezi futhi wayezobalekela impilo yakhe, futhi wayezoya ngakulendawo, noma, umuzi wokuphephela. Futhi lapho efika lapho, futhi uma engena futhi wabatshela amanga esangweni, lowo owayemlandela wayengafika amsuse e-altare futhi ambulale. Kodwa bona... Wayengaphendula ngecala lakhe, futhi uma wayengaqondile ukukwenza, khona-ke abaxoshayo babefanele bame esangweni, babengeke besaqhubeka beze.

55 Ngijabula kakhulu, namuhla, ukuthi kukhona indawo yokuphephela, lapho konke lokhu kuxhamazela, nokuwalazela, nokukhwishiza, singayekela ingcindezi, futhi singene, siphume kukho konke.

56 Abantu besaba amabhomu e-athomu, besaba ukuwa. Ngenkathi ngisondela edolobheni lenu ezansi lapha, ezansi lapha kulelisi sifunda, izimpawu ezinkulu kakhulu phezulu, "Isexwayiso," "Ukuwa." Wonke umuntu uyesaba, bezama ukumba phansi emhlabathini ukuze babaleke kukho. Uyazi, okuwukuphela kwebanga okufanele wehle ngalo phansi kusemadolweni akho, uqinisekile ukuthi uzosuka kukho, uma u—uma nje uwa kangako. Akudingekile ukuba ube imvukuzane, uhamba ngaphansi kwenhlabathi, vele uye emadolweni akho, yilokho kuqhubeka kuphela okumele ukuhambe.

57 Manje, kodwa lendoda ezayo ifanele ithande kuqala u—ukwamukela isiphephelo. Manje, uma ingenandaba nesiphephelo, ayikho indawo yayo, kodwa uma ithanda

ukwamukela isiphephelo, khona-ke kukhona indawo elungiselelwe yona.

58 Futhi kunjalo nanamuhla. Uma ugula, udokotela uthi, "Uzofa," into efanayo eyashiwo ngaleyongane, e-hhe, abanye, umdlavuza, noma ngabe kuyini, futhi manje, uma ungakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, awu, khona-ke angazi ndawo ongaya kuyo, kodwa uma ukholwa ukuthi kukhona umthombo ovulekile, uma ukholwa ukuthi ikhona iNdawo, khona-ke ngingakutshela lapho okukhona isiPhephelo, iNdlu yesiphephelo. Akekho umuntu ofuna ukufa, akekho ofunayo, ufuna ukuphila, futhi kukhona iNdawo yesiphephelo yakho. UNkulunkulu ukuhlinzekele iNdawo, iNdawo yesiphephelo lapho ongayekela khona izinkathazo zakho, uyekele ubunzima bakho, futhi uphephe.

59 Manje, ufanele afune ukuhlala kulesisiphephelo. Manje, lapho engena lapho, aka . . . akamele akhononde. Ufanele angene lapho futhi ahambahambe, athi, "O, ngifisa sengathi ngabe bengiphumile lapha." Uma ekwenza, uyakhishwa.

60 Niyazi, selokhu ngingene eNkosini yami, ngi—ngiyaYithanda kakhulu kakhulu angifuni ukuphuma. Ngi—ngi . . . Kukhona okuthize ngalensindiso, ukuthi selokhu ngingene kuYo, Iyisiphephelo sami, futhi ngenkathi ngingena kuYo, angikaze ngifune ukuphuma. Anginazikhalo. Ukube bengazi ukuthi bengizokhishelwa ngaphandle, khona-ke bengiyoba nesikhalo. Kodwa anginazikhalo.

61 NgiyaYayithanda, ngiyayithanda inhlanganyelo yaYo, ngiyabathanda labo abathathe isiPhephelo esifanayo, ngiyathanda ukuhlanganyela nalaba okulesisiPhephelo. Inhlanganyelo ekhazimula kangaka ngaseZwini likaNkulunkulu!

62 Akafanele afune ukuphuma, ngoba ngaphandle uzofa, ngaphakathi uyaphila. Amen. Ngijabula kakhulu ukuthi ngingaphakathi. O, kuhle kakhulu ukuba phakathi Lapha, ngokuba uphephile ekufeni. Ukufa ngeke kukuthinte kuKristu, Uyaphila, futhi kuyinkazimulo kakhulu ukuthi sibhaphathizwe kuLokho, ngibonga kakhulu ngakho, umbhaphathizo esiPhephelweni.

63 Khona-ke lapho ungena esiphephelweni, lowo obekuxosha, uzomele ame esangweni, ngoba lowo obekade emxosha uphephile. Ngakho-ke akunandaba ukuthi ugijima ngokushesha kangakanani, uma engena endaweni esiphephelweni angavele ahlale phansi futhi ayekele isitimu, yilokho kuphela, asiyeke. Uphephile, akasafanele aphinde akhathazeke, ungaphakathi khona-ke, amasango avaliwe ngemuva kwakhe.

64 Ngijabula kakhulu ngokuthi singafa, futhi ukuphila kwethu kufihlwe esiPhephelweni sikaNkulunkulu, siphephe kuze kube phakade. Imbongi yathi:

Ngigxilise umphefumulo wami esikhoselweni sokuphumula,
Angisayikugwedla izilwandle ezigubhayo;
Isiphepho singashanela phezu kolugubhayo, olunesiphepho esijulile,
Kodwa kuJesu ngiphephe njalonjalo.

65 Amagagasi angashaya, futhi athiye, nokugula kungafika, ukufa kungafika, kumbe noma yini enye, kodwa uphephe njalonjalo. UKristu, isiPhephelo sethu, uNkulunkulu wahlinzeka, iNdawo yokuphepha. UKristu ukuphela kweNdawo yokuphepha kulabo ofuna ukuphila. NguYe kuphela onokuPhila okuPhakade, akukho bandla, akukho hlelo, akukho mongameli, akukho nkosi, akukho phapha, akukho mbhishobhi, akukho mfundisi, akukho lutho olungakunika ukuphepha ngaphandle kukaJesu Kristu, Uwukuphela kweNdawo engakunikeza ukuphepha, futhi UwukuPhepha okuhlinzekwe nguNkulunkulu.

66 O, singahlinzeka *lokhu* futhi sihlinzeke *lokho*, futhi kuzowa, kodwa lapho uNkulunkulu ehlinzeka noma yini iPhakade. Futhi leyo yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yokuphepha kwethu: kuKristu. Ngiyakuthanda. Lapho ukuYe, lapho kufika izinkathazo, njengokugula, noma ukukhathazeka, ukudumazeka, "Wathwala usizi lwethu, ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina." Konke esikudingayo kuloluhambo lonke kulapha esiPhephelweni.

67 Singena kanjani kulesisiPhephelo na? "NgaMoya munye sonke sabhaphathizwa kulesisiPhephelo," futhi siba yilungu lalesisiPhephelo. Siyisakhamuzi saloMbuso sinoMhlinzeki wethu omkhulu, ohlinzeka ngakho konke esikudingayo. Thembela nje eZwini laKhe, futhi thina, ngenkathi siseLapha, siseBukhoneni baKhe; ngiyakuthanda lokho.

68 Manje, asidingi ukujaha, nokudonsisana, futhi siziphathise okwalo lonke izwe; sithule. Yini inkinga ngamaKristu na? Umoya wezwe namuhla ukuguliswa imizwa, kodwa lowo akuwona uMoya kaKristu. Sewake waMbona ejaba kakhulu ngento ethize na? Epholile njengoba Ayengaba njalo, Wayazi impela lapho Ayemi khona. O, isiqinisekiso esibusisekile kangaka okuyiso!

69 Njengengane nje, ukubeka ithemba lakho kuYe, futhi uMvumele athathe yonke iminakho yakho, ngokuba Uyakunakekela. Ungazami ukwenza noma yini ngakho, Uzokwenza kakade, Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Kungumsebenzi waKhe, inqobo nje uma uzilulaza ngakho, awu, khona-ke angeke Abe nakho, kodwa uma ukudedela futhi uMvumela ukuba abe nakho, Uzokunakekelela khona. Yebo, mnumzane. O, ngiyakuthanda lokho. Ukuthoba okuphelele kanje pho umKristu abefanele abe nakho.

70 Ake sibuke manje kwa-Israyeli njengesibonelo nje. Manje, ngizithembisile ukuthi angeke ngihlale lapha isikhathi eside kulobubusuku, emsamo, njengoba kade ngenza. Ake sibheke u-Israyeli, ngobusuku bePhasika ezansi eGibhithe. Lobo kwakuwubusuku obesabekayo kakhulu iGibhithe elake labubona, ubusuku bePhasika. Ingelosi yokufa yayisezweni, ukukhala kwakuvela kuyo yonke indawo, abantu emigwaqweni bekhala, omama bedonsa izinwele zabo, owabo omncane kunabo bonke. . . umntwana omdala kunabo bonke wayesanda kufa, amakhulu, amaphiko amnyama engelosi yokufa ayebhakuza ezweni.

71 Kodwa u-Israyeli wayengahlala epholile njengoba ayengaba njalo. Ngani na? Babengabantu njengabaseGibhithe, kodwa babehambe ngendlela ehlinzekiwe kaNkulunkulu. Babemukele indlela kaNkulunkulu yesiphephelo, babebhece igazi emnyango. Futhi inqobo nje uma babehamba ngalendlela, ukuhlinzeka kukaNkulunkulu, babengadingeki bakhathazeke nganoma yiluphi uhlobo lwengelosi yokufa nanoma yini enye, ngoba babe. . . babenesithembiso sikaNkulunkulu sokuthi ingelosi yokufa yayizodlula phezu kwabo.

72 Ngiyabona umfanyana njengoba elunguza ngefasitela, futhi uyagijima ubuyela kuyise, ohlezi efunda umBhalo ogoqwayo, futhi ethi, "Babayi, uJohnny Jones omncane ezansi ngomgwaqo, engangidlala naye, ufile, umama wakhe usemgwaqeni. Futhi ngabuka, futhi amaphiko amakhulu ombulali eza ngapha!" Ngiyambona ubabayi omdala, epholile nje, ubuka indodana. Futhi wathi, "Babayi, ngiyizibulo lakho, futhi indlu yethu ngelandelayo. Ungahlala kanjani kanjalo ube wazi ukuthi ngingolandelayo na?"

Ngiyambona ubabayi omdala endlala umBhalo ogoqwayo phansi, equkula umfana omncane ngesandla, eya ngale emnyango, futhi wathi, "Uyalibona lelogazi?"

"Kodwa babayi, yimaphi amandla lelogazi anawo ngokumelene nalawo amakhulu, amaphiko amnyama okufa na?"

"Ndodana, isithembiso sikaNkulunkulu sokuthi Yena: 'Nxa Ngibona igazi Ngizodlula phezu kwakho.' Okuwukuphela kwento okufanele siyenze ukulibheca."

73 Manje, kungaba khona u—umphongolo wegazi uhlezi emnyango, futhi uma lingabheciwe, ngeke lisebenze, lalifanele libhecwe ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Kuyafana njengoba kunjalo kulobubusuku. Awulibheci iGazi ngokukhuluma ngalo, ubheca iGazi ngokulamukela, nokuthola, phezu kwekhothamo lenhliziyo yakho uqobo, khona-ke usukhululekile.

74 Ubaba omdala wayengesabi, ngiyamuzwa ethi, "Ndodana, hlala phansi nje, yekela ingcindezi. Akukho okuzosilimaza,"

epholile nje njengoba engabanjalo, "Wethembisa ukuthi Yena, ngenkathi Ebona igazi, ukuthi Uyodlula."

75 Wathi, "Ngilandele wonke umyalelo iZwi leNkosi, elafika kumprofethi, lasitshela ukuthi senze, Ngilandele lowomyalo ngendlela umprofethi asitshela ngayo ukuba sikwenze. Futhi ngiyazi ukuthi uNkulunkulu unomprofethi, ngoba ungumuntu kaNkulunkulu, futhi iZwi leNkosi liza kubaprofethi bethu, futhi ngakho-ke wasitshela ukuba sibhece leligazi. Wayeno ISHO KANJE INKOSI, futhi ngikwenzile, futhi ngiyakukholwa, futhi ngiphumule kukho." Haleluya!

76 Bangahle bafune ukuthi ujoyine *lokhu* futhi ujoyine *lokho*, kulungile lokho, kodwa kimi, ngifuna nje ukuthi iGazi libhecwe, libhecwe ngokomyalelo. Uma nje uzokwenza into efanayo manje, khona-ke ungahlala phansi futhi udedele isitimu. Yebo, mnumzane.

77 Kodwa abantu balolusuku, lonyaka ongaqondakaliyo, bayagijima besuka kwelinye ibandla baye kwelinye, elinye ihlelo baye kwelinye, ukusuka kwenye inkolo uye kwenye, o, he, konke okunye. Benzani na? Bakha ingcindezi kuphela.

78 Elinye ibandla lingaba nomhlangano omncane, futhi—futhi isikhulumi siyafika lapho, futhi bathatha iphepha labo baphume ku*leli*bandla, futhi baliyise ngale ku*lelo*. Kufika omunye, uba nolunye uhlobo lomhlangano omncane, futhi balithatha ukusuka ku*lelo* bandla baliyise ku*leli* lapha, nje beliphethe bezungeza.

79 Awulithathi ngani nje iGazi leWundlu futhi ulibhece ngendlela uNkulunkulu athi kwenze ngayo na? Khona-ke angeke udingeke uzilulaze ngencwadi iletha, "Ingabe *lokhu* kulungile noma *lokho* kulungile na?" UNkulunkulu ulungile. Futhi uma uneGazi elabiwe enhliziyweni yakho, khona-ke ukahle noNkulunkulu.

80 Bakha ingcindezi, yini eyenza bakwenze na? Ngoba baMshiyile, bashiye iZwi laKhe, bemukele izivumokholo nazo zonke lezizinto, izimfundiso-ze, badeda eZwini. "IZwi leNkosi liyi . . . iGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, abalungileyo babalekela kuWo, futhi bayalondeka."

81 Into yakho ingukuthi, asizami ukugijimela eGameni leNkosi, kodwa sizama ukugijimela egameni lebandla, futhi kungalesosizathu sizikhandla, kodwa, nokwakha ingcindezi ngaso sonke isikhathi, ngoba sinehlelo elisha, into ethile entsha, futhi siyasuka siye kuyo, futhi into yokuqala niyazi, sonke siyakha, futhi asazi ukuthi simi kuphi.

82 Kodwa, "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, abalungileyo babalekela kuWo, futhi bayalondeka." Yindawo yesiphephelo, awuWuyijoyini, uzalelwa kuWo; awuphathi incwadi iletha uye kuWo, ubuthwa nguMoya oNgcwele, ngokuba usokiwe ezintweni zezwe, futhi zifile, emva kwakho, futhi

uvuswe kanye naYe e. . .ekuvukeni kwaKhe njengezidalwa ezintsha kuKristu Jesu.

83 Balishiya iZwi. Lapho nje une, ujoyina i—ibandla, awu, kusobala, ungakha ingcindezi, kodwa lapho uzalelwe eMbusweni kaNkulunkulu, ingcindezi ayisekho.

84 Ake sibone, o, yebo, "IGama laKhe linguMbhoshongo," omkhulu, uMbhoshongo onamandla, isiPhephelo. UMbhoshongo onjalo ukuthi lapho singena kuWo, Usinika lesisiqinisekiso: "Cela noma yini kuBaba kuleliGama elikhulu loMbhoshongo, uzophiwa khona." Kubheke, ngena kuWo, zalelwa kuWo, bese-ke ucela kuBaba noma yini oyifunayo kuleloGama, futhi uMbheke ekuhlonipha.

85 Induduzo engakanani kulelihora, ukuthi lapho abantu bezwe, amalungu ebandla, egijima esuka endaweni aye endaweni ezama ukuthola isiphephelo, futhi bathi, awu, *leli* lizothi, "Awu, ufanele uphindaphinde isivumokholo sethu," *leli* lithi, "Ufanele ujoyine ibandla lethu," kodwa kulelokholwa eliza kuKristu ngesizotha, futhi lamukele uMoya oNgcwele, futhi libheke sona impela isethembiso uNkulunkulu sibonakaliswa phakathi kwabo. Abafanele bagijime basuke *lapha* baye *laphaya*, bangavele bayekele isitimu. Kunjalo. Hlala phansi, konke sekuphelile, sekwenziwe ngaleyonkathi. Yekela ingcindezi, ngoba awusadingeki ukuthi ugijime usuka ebandleni uye ebandleni ngoba ukuWo.

86 "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, lapho abalungileyo bebalekela kuWo, balondekile." Hlobo luni loMbhoshongo na? UMbhoshongo wesiphephelo lapho singangena lapho, futhi lokho. . .IZwi, iNkosi iyiZwi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi wenziwa inyama, futhi wakha phakathi kwethu."

87 Futhi, "Uma nihlala kiMi," uMbhoshongo, "AmaZwi ami ehlala kini," manje, kungenkathi wena ungaphakathi, hhayi lapho uphandle *lapho* ubuka ngaphakathi, kodwa lapho uphakathi *Lapha* ubuka ngaphandle. Niyabo? Lapho. . . "Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ehlala kini, ningacela enikuthandayo, futhi niyakwenzelwa khona."

88 Manje, uma ungakholwa ukuthi lelo yiQiniso, ngena kanye futhi uthole. Ngena futhi weneliseke ngalokho okwenziwa nguMoya oNgcwele, ungatholi phutha kukho, ufuna ukuphinde uphume futhi, vele ungene futhi uhlale naYe.

89 IGama leNkosi, iBhayibheli lathi, "Futhi noma yini eniyenzayo ngezwi noma ngesenzo, kwenzeni konke eGameni leNkosi." Kunjalo. Futhi iBhayibheli lathi, "Awukho omunye umbhoshongo phansi kweZulu enimelwe ukusindiswa ngawo," awukho omunye umbhoshongo, igama, asikho isiphephelo, noma amabandla, noma izinhlangano, noma imiphakathi. Bonke,

balungile, anginalutho engimelene nabo, benza umsebenzi omkhulu, kodwa uma sekuza ensindisweni, alikho elinye igama phansi kweZulu elinikiwe, kodwa leliGama elikhulu likaJesu Kristu.

90 Lokho akusho nje ukuLibiza, lokho kusho ukungena kuLo, ube kuLo. Sibhaphathizelwa kuLo ngaMoya munye. KwabaseKorinte bokuqala 12, "Sonke sabhaphathizelwa eMzimbeni munye," onguKristu Jesu. Amen. Ngiyakuthanda. Kukhulu. . .kube yinto enkulu kimi. Khona-ke, ngenkathi sisekuloMbhoshongo omkhulu, inhlanganyelo esinayo, akumangalisi yini ukuba nenhlanganyelo noKristu na? Yini enye ebesingayicela na?

91 Manje, u-Isaya waMchaza njengeDwala elikhulu ezweni eliyethileyo. Lelo yilelizwe, izwe eliyethile, noma isikhathi esiyethile. Siphila esikhathini esiyethileyo, lapho abantu bezama ukumba imigodi ngaphansi kwendlu yabo, babeke ithange elikhulu phakathi lapho.

92 Awu, anazi yini ukuthi ibhomu le-athomu liyoke liqhumise lendawo, awu, lokho kungangena kujule kakhulu emhlabathini kuze kuphule wonke amathambo emzimbeni wakho na? Futhi ngani, amanye alawo mabhomu azoqhumisa imbobo ikhulu na, noma, ikhulu namashumi amahlanu, amafidi angamakhulu amabili, mhlawumbe, ukujula, futhi abulale konke okungaphezu komhlaba i—ikhulu namashumi amahlanu, amamayela angamakhulu amabili ukukuzungeza. Kuyoqhuma kuvuleke umgodi ojule ngamafidi angamakhulu amabili noma amathathu, mhlawumbe, futhi—futhi amamayela ayikhulu ukuzungeza, kuthathe yonke into nje kuyenze ibe umlotha wentaba-mlilo. Uma ubuthe ngqu phansi maphakathi nendawo emhlabeni, kwintabamlilo, bekusayokukubulala.

93 Akukho ukuphunyuka, kuphela phezulu, suka kukho. Yebo, mnumzane. Uphakama kanjani na? Yehla kuqala. Kunjalo. Kanjani na? Yehla, uvume izono zakho, ukholwe eNkosini uJesu Kristu, umbelwe ngombhaphathizo kanye naYe, futhi uvuke ekuvukeni kwaKhe, noMoya oNgcwele okuphakamisa ngaphezu kokukhathazeka, nezinkathazo, nokungakholwa kwezwe. Yebo, yilokho. "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, iDwala elinamandla ezweni eliyethileyo, abalungileyo babalekela kuWo, futhi bayalondeka." Simbonga kanjani uNkulunkulu ngalokho!

94 Bengifunda esikhathini esingeside esedlule, futhi ngithanda ukufunda ngezilwane zasendle; Ngangiyisikhulu sezokongiwa kwemvelo iminyaka, futhi ngitadishe ngezilwane zasendle.

95 Iningi lenu liyazi nge—nge—ngesibhamu esikhulu siqhumela kimi, ngolunye usuku, ukube bekungengenxa kaNkulunkulu, besizongibulala. Manje, ngithanda nje ukusho okuthize ngalokho. Lokho kwangumfutho omkhulu, yilokho okukwenzile.

96 Ake ngininikeze isifundo esincane lapha. Niyazi, isibhamu esikhulu kwakungesona isibhamu sasekuqeleni se-Weatherby. Njengoba ngike ngasho ukuthi nginabangane abebeyongithengela esisodwa, bengihlale ngisifuna esisodwa, kodwa ngi—ngi—bengingeke ngibavumele bakwenze ngoba sibiza ngaphezu kwanoma yisiphi esinye isibhamu esikhulu. Futhi usomabhizinisi okahle ongumKristu wanika umfana wami imodeli 70 Winchester, futhi uBilly uyinxele, futhi sinebhawodi esandleni sesokudla, futhi akakwazanga ukusisebenzisa. Ngakho ngimnika i-Savage yami endala .300, futhi ngathatha isibhamu sakhe esikhulu, ngoba ngangiyisikudla. Futhi ngakho-ke, kwakuyi .257 Roberts, kini bafowethu enihlohla ngesandla izibhamu futhi enizaziyo izibhamu.

97 Kwase kuthi-ke u—umngane wami uyafika, wathi, "Mfowethu Branham, awusoze wasivumela ukuba sikuthengele iWeatherby. Manje, i-Weatherby ingasibhola leso, futhi isenze i-Weatherby ngemali encane nje, kukubize amadola angamashumi amathathu, kungibize cishe ishumi noma ishumi nanhlanu." Wathi, "Bavumele basibhole, ngivumele ngikwenzele khona."

98 Awu, ungumfowethu omangalisayo kakhulu, ngathi, "Qhubeka, sithathe." Awu, wahamba wasibhola. Ngenkathi ngifaka igobolondo kuso, futhi ngasidubula, sacishe sangibulala.

99 Manje, nakhu okwakuyikho: Ukuba leyo kwakuyi-Weatherby Magnum kwasekuqaleni, yayingeke iqhume isakazeke. Kungani na? Yona, ekuqaleni, bekuzoqalwa ngalawomathuluzi omshini, bekuyoba iWeatherby Magnum ekahle, kodwa njengoba kwakungenye into, futhi wazama ukwenza okuthize ngakho okwakungesikho, kwaqhuma kwasakazeka.

100 Futhi yileyo indaba namuhla ngamaKristu. Kunjalo impela. Kunabantu abaningi kakhulu ozama ukulingisa ubuKristu, bajabula ngokwedlulele, bayaphuma futhi bazame ukuziphatha njengomKristu. Kwenzakalani na? Ingcindezi encane yokuqala iyafika, uyaqhuma.

101 Kodwa ukuba ububuyele emuva ekuqaleni futhi wazalwa ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, ungakwazi ukumelana nengcindezi, ngoba Wathunyelwa kuwe. Kunjalo. Ufanele uqale ekufeni uye ekuPhileni, ufanele ufe, ungene enqumbini yezinsimbi esilahliwe, futhi uphinde ulolongwe, uma ungakwenzi, uzoqhuma ndawondawo.

102 Bengifunda lapha esikhathini esingeside esedlule, ngashumayela indaba ethi, *Ukhozi Luhlakaza Isidleke Salo*, eChicago, futhi ngangifunda ngohlobo *oluthile* lokhozi. Kunezinhlobo ezingamashumi amane ezehlukene zazo, bayasho, kuchaza "okuklebhula ngomlomo." UNkulunkulu uhlala efanisa abantu baKhe nezinkozi, UZibiza ngoJehova-Khozi,

nezinkozi zaKhe ezincane, okungukuthi yilabo abazelwe nguYe; futhi ngenza umfanekiso ongenanhlonipho izikhathi eziningi kulokho, ukuthi kanjani, ukuthi ukhozi lubalungiselela kanjani abancinyane balo ukundiza, futhi lubanyuse baye emoyeni, bese luyabadedela.

103 Futhi uma igwababa lizama ukukhuphukela lapho, zonke izimpaphe ziyowa ziphume kulo, alucindezelwe kukho, niyabo, belungeke lumelane nomfutho. Kodwa ukhozi ukuphela kwenyoni ezalwa inalolohlobo lophaphe, olungahamba luphakame kakhulu aze uklebe angakwazi ngisho ukuza ngakulo. Futhi lunamehlo, futhi uma ukhuphuka kakhulu yilapho ungabona khona kude kakhulu. Futhi kungalusiza ngani ukukhuphukela lapho, uma lwalungenawo amehlo okubona kude na? Angeke lubone emuva lapho oluvela khona.

104 Futhi yileyondlela ngomKristu. Abanye abantu mhlawumbe banesimo sikaklebe, edla izinto zezwe, nenqe, futhi azame ukundiza phezulu lapho nokhozi, ngani, u—uyaqhuma, kunengcindezi eningi kakhulu, ufanele wakhelwe khona.

105 Futhi loluhlobo *oluthile* lokhozi, lapho seluqala ukuguga, luyakhandleka, njengathi sonke abantu abadala, futhi luthola uqweqwe phezu kwekhanda lalo, futhi lukhandleka kakhulu alwazi ukuthi lwenzeni. Futhi manje, iBhayibheli lathi ukhozi liyabuvuselela ubusha balo, ngakho ngafunda ngalomfo. Futhi lapho eguga futhi ekhandleka, futhi loloqweqwe luphezu kwekhanda lakhe lonke, lundizela phezulu njengoba lungahamba luze luthole elikhulu, idwala eliphakeme. Luhlala phansi eduze kwalelidwala, futhi luhlala lapho futhi lushaye ikhanda lalo kulelidwala.

106 Luzama ukwenzani na? Lususa uqweqwe, lonke uqweqwe. Futhi igazi liyondiza liphume ekhanda lalo, ludlula kuzo zonke izinhlobo zokuhlushwa. Kodwa inqobo nje uma lingezwa okunye koqweqwe kulo, lufanele lukususe lokho, ngakho lulushaya edwaleni, lulokhu lushaya nje luze lusuke lonke uqweqwe ekhanda lwalo.

107 Futhi lapho nje lonke uqweqwe lwalo selusukile ekhanda lwalo, nakuba lusopha, lulimele, luvele lumemeze kakhulu ngephimbo lalo lonke, luyekela ingcindezi. Ngani? Ngoba, ngokushesha nje lapho lonke uqweqwe lusukile, khona-ke luvuselela ubusha balo, nakanjani buzofika, ngakho lona, ngokushesha nje lapho lonke uqweqwe selusukile, lungaqala ukumemeza kakhulu, ngoba luyazi ukuthi selususe lonke uqweqwe. Ngakho ubusha balo impela buzovuselelwa, ukuze luyekele nje ingcindezi, luqale ukumemeza kakhulu, ngoba lubuyela emuva okhozini oluncane futhi. Lokho kuyamangalisa. Ngiyalujabulela ukhozi, ngiyayijabulela leyonyoni.

108 Kepha uyazi, ngazi iDwala lapho esingaya khona, futhi sishaye ngomkhuleko kuze kuthi lonke uqweqwe lwezwe

lushawe lususwe kithi, kuze kuthi konke ukungakholwa eZwini likaNkulunkulu kushaywe kwasuka, size singene endaweni lapho zonke izinto zingenzeka khona. Futhi ngokushesha nje lapho sesithole lonke izwe nokungakholwa eZwini likaNkulunkulu kushaywe kwaphuma kithi, khona-ke singamemeza kakhulu futhi simemeze ngoba ukuPhila okuPhakade kuqinisekile, kuqiniseke njenganoma yini. Impela, ngoba lonke izwe lishaywe laphuma.

109 Uma ugcina izwe kuwe, uqhubeka nokuthanda izwe nezinto zezwe, nakanjani uzokufa, kodwa uma ungasuka kukho konke lokho, khona-ke ubusha bakho buyobuyiselwa, uzoba nokuPhila okuPhakade; ngijabula kakhulu ngalokho.

110 Bengifunda ngesinye isikhathi ngesiMemezelo seNkululeko, lapho izigqila, abazalwane bamakhaladi, odade baseningizimu, lapho babevame ukuba nobugqila. Futhi ngenkathi kusayinwa isiMemezelo seNkulukeko (Babebhaxabuliwe, futhi bashaywa, kanjalonjalo, futhi beyizigqila, futhi siyazi ukuthi kwenzekeni.) bathi, "Ngokusa *okuthize*," angisalukhumbuli usuku manje nje, kodwa, "yilokhukusa ozokhululeka ngabo, futhi uzokhululeka ekuphumeni kwelanga. Lapho ilanga liphuma zonke izigqila zazingakhululeka."

111 Lezo ezimpofu, ezingumxegexege, izigqila ezishaywe kanzima zazimagange kakhulu ukuba zikhululeke, kuze kuthi esinamandla kunazo zonke sikhwele siye phezulu, esiqongweni segquma. Abesifazane nababuthakathaka bayehla. Lezo ezingenamandla kangako impela zazehlela phansi phambidlana kancane, nabesifazane, bese-ke kuba abantwana. Futhi leyomidondoshiya emikhulukazi, eyayikwazi ukuhamba yenyukele esicongweni, yayima lapho ngaphambi kosuku, futhi yayibuka, futhi yayibuka, kuze kuthi ngemva kwesikhashana iqala ukubona imisebe yelanga iphuma, kwakusemnyama esigodini, yayikudlulisela phansi. Omunye wayememeza phezulu, "Sikhululekile!" Olandelayo wamemeza phansi, "Sikhululekile!" Yonke indlela phansi esigodini, "Sikhululekile! Ilanga seliphumile!" Babengayiyekela ingcindezi, futhi bamemeze kakhulu futhi bamemeze ngamaphimbo abo onke, ngoba base bekhululekile, ilanga lase liphumile.

112 Lelo kwakuyilanga i s-u-n, kodwa, o, mfowethu, manje iNdodana i S-o-n ivukile. Sikhululekile! Haleluya! Izibonakaliso zokuvuka kwaYo ziphakathi kwethu, "UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade." Akafile, kodwa Uyaphila kuze kube phakade. INdodana ivukile, singamemeza futhi sidumise uNkulunkulu. INdodana ivukile, futhi siyaphila. Inathi, ikithi, iqinisekisa uBukhona baYo ngezibonakaliso ezinkulu nezimanga zaYo zokuvuka.

113 INdodana i S-o-n ivukile, izigqila zesono, nehlelo lebandla, ukusonta, nazo zonke lezozinto, nikhululekile. INdodana

kaNkulunkulu ivukile nokuphulukisa emaphikweni aYo, futhi iNdodana ivukile. Ngiyajabula kakhulu ngakho.

114 Ngesinye isikhathi enhla eKentucky, phezulu ezweni lezintaba lapho engivela khona, ngangishumayela. Futhi mina, kuse-eli ntambama, mina, ngishumayela ngesihogo, umlilo, nesibabule kongakholwayo, kwakukhona umgawuli wemithi yokwenza amapulangwe omdala ehlezi emuva lapho, futhi ngathi, "Nonke nina zidakwa," futhi kwakunguye, ngathi, "kungcono niphenduke. Lungisanani noNkulunkulu."

115 Kwakukade kukhona umfo owafika ngobusuku bakuthangi, babegawula ummbila, futhi wayene—nesipikili esikhulu sinamathele kwi-ovaloli yakhe, wathi, "Sizokhuphukela lapho," Ngangikade ngishumayele isikhathi esingangonyaka, ngathi, "sizophonsa lowomshumayeli omncane ngefasitela."

116 Ngakho, weza emnyango, omunye weza wangitshela, wathi, "Leli yiqembu elinesihluku kunawo onke elikhona lapha." Emi lapho, omkhulu kakhulu, umfo obukeka ekhuluphele, izingalo zakhe ziphambene, ubuhwanqa bulengela ebusweni bakhe, cishe eneminyaka engamashumi amathathu ubudala, o, wayeyindoda ebukeka inonya, futhi wayelokhu engibuka, ngaqhubeka ngishumayela, "Phenduka noma ubhubhe!"

117 Wahlala isikhathi eside kakhulu, uMoya oNgcwele wambamba, wawela phansi, akakwazanga ukufika e-altare ngokushesha ngokwanele. Uza ebeke izandla phezu kwekhanda lakhe, wayekhala, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi!"

118 Ngobusuku obulandelayo umntwana wakhe omncane wahlala emuva lapho, intombazanyana yakhe yanginika umqulu wezimbali ezincane lapho ngingena emnyango, wathi, "Mfowethu Bill, sinobabayi omusha ekhaya. Ngifuna ukukukhombisa ukuthi ngiyakuthanda ngokukhuphukela lapha, nokuvumela uJesu asenzele ubabayi omusha."

119 Futhi lesisidakwa esidala sihlezi lapho, ngase ngithi, "Nonke nina zidakwa, nonke nina zoni, phendukani," futhi wathukuthela, futhi wasukuma waya ekhaya, wahamba wayolala.

120 Ngangihlala ezansi endlini kamkhulu wami, futhi ngakhoke, ngenkathi ngisenomhlangano. Futhi phezulu lapho, siyo... uhamba unqamule amagquma bephethe isiketekete esandleni sabo.

121 Futhi ngakho lapho i...Cishe phakathi kwamabili lomfo omdala wehla, wayeshaya umnyango. Futhi ngathi... ngavula umnyango. Wathi, "Mfowethu Branham, ngifuna ungikhulekele." Wathi, "Ngibe nephupho elibi kakhulu kunawo wonke esikhathini esidlule," futhi wathi, "a—angikwazi nje ukukumela ubusuku bonke."

Ngathi, "Yini indaba na?

122 Wathi, “Ngi—ngiphuphe ngingunogwaja.” Futhi wathi, “Ngangihlezi phandle ensimini, ngidla nje isithombo futhi ngijabule, futhi ngangenza njengoba ngangithanda.” Futhi ngathi, “Ngemva kwesikhashana ngezwa kukhala-kuklabalasa kwenja,” futhi wathi, “inja yayikimi ngqo.” Futhi wathi, “Ngiphuma ngigijima,” kodwa wathi, “inja yayishesha kunami.”

123 Futhi wathi, “Kwenzeka ngaphenduka futhi ngabuka, futhi kwakukhona idwala elikhulu engangizwe ngalo.” Futhi wathi, “Kulelodwala kwakukhona u—umgodi,” futhi wathi, “ngangazi ukuthi uma kuphela ngangingayishiya leyonja ukuya kulowomgodi, ngangizophepha, kodwa uma ngingeke ngiyishiye, yayizongithola.”

124 Futhi wathi, “Mfowethu Branham, ngisagijimela konke okwakukimi, ngazi noma ngamuphi umzuzu ngizobe ngigingwa, ngoba ngangiwuzwa umoya oshisayo wenja lapho igxumela ezithendeni zami,” futhi wathi, “khona manjalo ngenkathi ibamba, ngashibilikela emgodini.” Futhi wathi, “Lapho ngingena, ngahlala phansi, ngayekela ingcindezi.” Yilokho kuphela.

125 UyiDwala ezweni eliyethileyo. Kukhona umfantu eDwaleni wezoni, ukungakholwa, vele ugijime ungene eDwaleni futhi uphephe; uKristu uyiDwala lethu. Abantu namuhla balandela yonke enye into ngaphandle kukaKristu, balandela amahlelo, balandela amadlingozi, wonke umuntu unegazi, umlilo, intuthu, noma okuthize, nabantu bayakulandela.

126 Kungani ungathathi iZwi laKhe na? Ngokuba UyiZwi, gijimela kuLokho futhi ulondekile, ngoba “amaZulu nomhlaba kuyodlula, kepha iZwi laMi aliyikudlula.” Yebo, mnumzane.

127 Namuhla kuhlale kuyinto okufanele bayenze, bazogijimela esivumwenikholo, bayojoyina futhi bangajoyini, nakho konke okunye, ukusuka kwelinye kuye kwelinye, kodwa ngeke bazame ukuthatha uKristu. Mbhekisise lapho EZiqinisekisa. Lokho konke kwakha ingcindezi, ufanele uyiyeke. Kholwa nje iZwi laKhe.

128 Ngikuthola kanjani, Mfowethu Branham na? NgokukaJohane oNgcwele 5:24, uJesu wathi, “Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade abayikuya ekwaHlulweni; udlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Yilokho uJesu akusho.

129 IZenzo 2:38, uPetru wathi, “Phendukani, nonke, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, niyakwemukela isiphephelo, niyakwamukeliswa uMoya oNgcwele. Ngokuba ungowenu, nabantwana benu, nabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Leyo indawo yokuza kuyo.

130 UMarku 16 uthi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Uyazi ukuthi yini—yini okungaphakathi lapho,

uyazi ukuthi uyini imiphumela. Lapho wenza lokhu, udlulile ekufeni wangena ekuPhileni, futhi unokuPhila okuPhakade, futhi ungayekela ingcindezi. Kungani ungayikuyiyekela na? Abantu bacasuke kakhulu, bakhathazeke kakhulu, bavele bayekele ingcindezi. Kukhona iZwe ngaphesheya komfula, kukhona isiPhephelo, futhi lesosiPhephelo singuKristu.

131 Namuhla, asidingeki ukuba sizibuze ngakho, siyazi ukuthi kuyiqiniso. Lapho uNkulunkulu enza isithembiso eBhayibhelini laKhe, futhi sisibone sigcwaliseka, khona-ke siyazi ukuthi kuyiqiniso. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Akusekho okunye okungenziwa.

132 Manje, ukwazi kanjani lokho, namuhla lapho isibumbatha esikhulu se "Wonke umuntu una*lokhu*, na*lokho*, *lokhu* na*lokho*"? Kodwa, futhi siyazi ukuthi uNkulunkulu unikeza izibonakaliso, kukhona izibonakaliso endleleni. Ukube ubungenaso isigxobo sophawu, ubungeke wazi ukuthi uyaphi. Awukwazi ukuthatha imephu yomgwaqo futhi uhambe, ngaphandle uma unesigxobo sophawu ukubona lapho uya khona. *Lena* yiMephu yomgwaqo, *Lena* yiYo esitshela ukuthi siqinisile noma qha.

133 UJesu wathi, "Lezizibonakaliso," kuMarku 16, "zizokhomba indlela." UJesu wathi kuJohane 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza; eminingi kunalona uyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba." Leso yisiphephelo. Ngamanye amazwi, uma ungena kuYe, imvelo yaKhe nokuPhila kwaKhe kuzoba kuwe, futhi ungakuzwa, ungakubona, futhi kuzoveza khona impela ukuPhila iBhayibheli elathi kuyokuveza.

134 Uma uthenge umvini futhi bekungumvini wamagilebhisi, futhi lowo mvini wamagilebhesi uphumile futhi uveza igatsha lawo, nalelogatsha lalinamagilebhisi kulo, manje, uzowuthola kanjani umvini olandelayo unethanga kuwo, nomvini olandelayo ophuma kuwo uzoba nokunye okuthize na? Uma kunjalo, ngumvini ofakelwe.

135 Futhi yileyo indaba namuhla, sinenqwaba yezinto ezifakelwe ezibizwa ngokuthi "iBandla likaKristu." Sinokuningi kakhulu ukufakelwa, Liyafakaza kuphela ngaLo uqobo.

136 Lapha emavikini ambalwa edlule bengikhuluma emsakazweni wamazwe ngamazwe okweFull Gospel Business Men eCalifornia. Futhi ngenkathi ngikwenzile, ngangikhuluma ngesihlahla engasibona epulazini elikhulu likaMfowethu Sharrit ePhoenix, ngicabanga ukuthi sasinezinhlobo eziyisishiyagalolunye ezehlukene zesithelo kuso, futhi kwakuyisihlahla samawolintshi. Futhi ngathi, "Ngifuna ukukubuza okuthize, Mfowethu Sharrit." Ngathi, "Manje, kukhona uphaphamuzi, futhi kukhona u—uhlobo lwamanantshi, ithanjelo, nolamula." O, angazi ukuthi zingaki izithelo

ezisawolintshi esasikulesosihlahla. Futhi ngathi, "Lesosihlahla, zifike kanjani lapho na?"

Wathi, "Awu, ngazifakela, zonke zisamawolintshi, ngakho ngazifakela."

137 Ngathi, "Manje, intwasahlobo elandelayo, noma ngesikhathi esilandelayo lapho sithela, lokhu ngokwasekuqaleni siyisihlahla samawolintshi, khona-ke sizothela, onke lamagatsha azothela amawolintshi na?"

138 Wathi, "Qhabo, qhabo. E-a. Qhabo. Sizothela uhlobo lwalokho igatsha elikulo." Wathi, "Uma ku—uma kuyi—uma kuyigatsha likalamula esihlahleni samawolintshi, nokho, liyothela olamula." Futhi wathi, "Uma kuyi—uma kuyi—yigatsha lohlobo lwamanantshi, lizothela uhlobo lwamanantshi, liphila ngempilo efanayo."

Ngathi "Khona-ke angeke lisathela amawolintshi na?"

Wathi, "O, yebo, uma isihlahla sasekuqaleni siveza elinye lamagatsha aso asekuqaleni, siyothela amawolintshi."

Ngathi, "Makabongwe uNkulunkulu, yilokho!"

139 UJesu wathi kuJohane 14, "NginguMvini, nina ningamagatsha." Negatsha lokuqala elaphuma kulowoMvini, babhala iNcwadi yeZenzo emva kwalo. Kunjalo. Futhi namuhla, sinamahlelo aphila egameni lobuKristu, kodwa ethela izithelo zehlelo kuphela. Kunjalo. Kodwa uma lowoMvini uke uveze elinye igatsha, niyobhala iNcwadi yeZenzo emva kwawo, ngoba uzoletha ukuPhila kwasekuqaleni.

140 Uma uMoya kaKristu useBandleni, awu, Uyokwenza imisebenzi kaKristu, uJesu washo njalo. Khona-ke singadedela isitimu, siyekele ingcindezi. Awudingi ukugijima usuka ebandleni uye ebandleni, woza nje kuKristu.

141 Wenzani na? SiMazi kanjani na? Ubeyoba yini ukuba Ubelapha edolobheni kulobubusuku na? Ubezokwenzani ukuba Ubemi lapha na? Ubezonitshela ngeNdawo. "Ungesabi . . ." Into yokuqala ovukweni, "Ningesabi, ningathukutheli nonke; NginguYe owayefile futhi uyaphila futhi. Nginguye izolo, namuhla, naphakade." BesingaMazi. Futhi yileyondlela esiMazi ngayo namuhla ngoba . . .

142 Wahamba ngolunye usuku, ngemva kokuvuka, wehla ngomgwaqo nabangane bakhe beya e-Emawuse, uKleyophase nomngane wakhe. Futhi Wakhuluma nabo usuku lonke, babengaMazi. Kodwa ngenkathi Engena esakhiweni ngalobobusuku, endlini yezihambi encane, lapho Ehlala phansi, futhi amehlo abo ayephuphuthekisiwe kukho, khona-ke Wenza okuthize njengoba Akwenza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, futhi ngalesosibonakaliso Asenza, ngendlela efanayo Enza ngayo ngaphambi kokuba Abethelwe, baqonda ukuthi kwakunguYe, yikho okwavula amehlo abo.

143 Manje, lokho akufani nje namuhla na? Manje, sisesikhathini sokuphela, ngenkathi Ethembisa ukuthi lo—ukuthi loMvini uyoveza elinye igatsha. Wakwethembisa ngesikhathi sokuphela, futhi lapha sisesikhathini sokuphela. Ngizothola ukuhluma kwalelogatsha ekuseni, iNkosi ithanda. Kodwa lapha sisesikhathini sokuphela noJesu ofanayo.

144 Manje, omunye uzothi, "Joyina *lokhu*," omunye uthi, "Hamba *lokhu*," nakho konke, usalokhu wakha ingcindezi, awazi ukuthi ukuphi. Awuzi ngani nje kulesosiPhephelo na? Awuzi ngani nje kuYe, futhi ubone ukuthi kulungile na? Mthathe eZwini laKhe; Mkholwe.

145 Nangu uKristu esakhiweni kulobubusuku. UKristu wathembisa lokhu: "Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiyoba phakathi kwabo." Ngabe kunjalo na? Awu khona-ke, uma lokho kungenjalo, khona-ke iNcwadi ayilungile, Yasho into Angayishongo. Kodwa manje, ubungakubeka kanjani ukuzethemba kwakho-ke, noma ngabe iNcwadi yayiqinisile na? Uma iNcwadi iqinisile, futhi isho lokho, khona-ke Mthathe eZwini laKhe, futhi u—uMoya oNgcwele uzoqinisekisa ukuthi lelo yiqiniso; okungukuthi: UNkulunkulu washo okuthize, uNkulunkulu uyafika afakazele okuthize. Noma yimuphi umuntu angasho akufunayo, kodwa lokho akukwenzi kulunge; kodwa lapho uNkulunkulu efika futhi afakazise ukuthi kulungile, lokho kukwenza kulunge. Amen.

146 Niyakholwa na? NikulesosiPhephelo na? Unelungelo kuyo yonke inhlanhla uNkulunkulu anayo, uma uphakathi lapho. Niyakukholwa lokho na? Niyajabula ngokuba kulesisiPhephelo na? Ningahlala emuva futhi niyekele ingcindezi na? Nithi, "Makabongwe uNkulunkulu, ekugcineni ngiphumelele. Ngilapha ngomusa kaNkulunkulu. Ngisendaweni ephephile, akukho okungangilimaza manje, ngivikelwe ngeGazi likaJesu Kristu, iqembu leziNgelosi lingihanqile."

147 "IziNgelosi zikaNkulunkulu zikanise ngakulabo," azisuki, zihlala lapho imini nobusuku, "zikanise ngakulabo abaMesabayo." Futhi unesiPhephelo. Ungangena kuSo, nayo yonke inhlanhla...Futhi isikhathi esinje pho sokuba kulesisiPhephelo, futhi ube nenhlanganyelo naYe!

148 Ngikholwa ukuthi uma besingaMcela kulobubusuku, uma besingaba nenhlanganyelo encane noBukhona baKhe, ngikholwa ukuthi ubezosenzela khona. Anikholwa na? Ngikholwa ukuthi Ubeyokwenza.

149 Manje kuwe onalesosifiso esikhathini esedlule, ukuthi uphakamise isandla sakho, ngiyazibuza, kulobubusuku, uma nje ubungahlanganyela naYe nalesosifiso imizuzu embalwa. Uma ukulesosiPhephelo, ungaMthinta, ngoba, UngumPristi oMkhulu ongathintwa ngokuzwelana kobuthakathaka benu, uma ukulesosiPhephelo ungakwenza.

150 Manje, ngikholwa ukuthi izolo ebusuku siyehla futhi sikhiphe amakhadi omkhuleko. Bangaki ogulayo lapha, ofuna ukukhulekelwa na? Asibone izandla zenu. Phakamisani izandla zenu, yonke indawo. O, besingeke sihambise umugqa ngaphandle kwamakhadi. Lokho ngukuthi . . . Niyabo? Besingeke sikwenze, ngoba bekuzobe kungubugaqagaqa phezu komunye. Kodwa asi—asime nje umzuzu. Khumbula, leyongane encane esisanda kuyikhulekela, cishe esikhathini esingaphansi kwamahora angamashumi amabili nane uNkulunkulu wayesefikile enkundleni, waze Wamangaza ngisho nodokotela. Niyabo? Impela. UnguNkulunkulu, Uphulukisa abagulayo.

151 Manje, ukuba bewazi ukuthi uJesu wayemi eduze kwakho, uyakholwa uma ubungaMthinta ukuthi Ubengakuphilisa, njengowesifazane owenza lokho owayenomopho na? Uyakukholwa lokho na?

152 Awu manje, uma iBhayibheli lapha lisitshela, ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, asikhuleke nje, futhi sithi, "Nkosi, ngingenile kulesisiPhephelo, ngiyinceku yaKho, futhi manje ngihlushwa okuthile, noma kukhona okuthile okungalungile kimi. NgingaKuthinta na? Uma kungukukholwa kwami, uma nginokukholwa okwenele ukuKuthinta, khona-ke khuluma ungiphendule. Manje, uMfowethu Branham akangazi, futhi angimazi, kodwa Uyasazi sobabili, futhi ngikholwa ukuthi iBhayibheli liyasho, ukuthi, 'Wena unguye izolo, namuhla, naphakade,' futhi uma sibhaphathizelwa kuWe, futhi lapho Unezikhundla zokusebenza iBandla laKho elikhulu ukuze lipheleliswe, ukuthola konke ukungabaza, ngizoba ukhozi kulobubusuku, ngizohlala ngimelane naleliDwala, futhi ngishaye kuze kusuke konke ukungakholwa kimi." Niyabo? "Lapho sengizwa ukuthi konke ukungakholwa sekuhambile, ngivume zonke izono zami, ngithi, 'Nkosi Nkulunkulu . . . '"

153 Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, angibhemi, ngiphuze, ngipilombe, ngiphinge." Lokho—akusikho. Lokho akusona isono, lokho umphumela wesono, lokho ingxenye engahlukaniseko yokungakholwa. Niyabo, ukuba ubukholwa, ubungeke ukwenze lokho. Niyabo? Qhabo, lokho akusona isono. Abantu banga . . . Ukungakholwa kuyisono, "Ongakholwayo uselahliwe vele." Niyabo? Lokho nguphumela wokungakholwa nje.

154 Kepha uma ungakwazi ukushaya konke lokho kusuke kuwe, uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngikholwa impela nje yilokho iZwi laKho elakusho, futhi ngiyakholwa, njengoba sishumayelile izolo ebusuku, ukuthi ukubonakala kweNkosi kuza ngaphambi kokuFika kweNkosi," ngokuba kungamagama amabili nje ahlukene ngokuphelele. Niyabo? Manje ukubonakala, njengoba Ethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi Uyoba nathi.

155 Futhi isiPhephelo esinjena pho, futhi induduzo enje pho okuyiyo, maKristu, ukuthi singama lapha kulobubusuku, eBukhoneni bukaNkulunkulu, ebusweni beZwi laKhe, nezinto ezingenakwenzeka aZethembisile phakathi lapha, singazibona zibonakaliswa phambi kwethu ngqo! Into emangalisa kanje pho! Uma leso kungesona isiPhephelo, uma lokho kungesiso isikhoselo sokuphumula, angazi ukuthi bekungaba yini, ukubona uJesu, Wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." O, isethembiso esinjena pho! Manje, bangaki abakholwayo ukuthi lelo yiqiniso na? Kulungile. Manje, asikhuleke.

156 Baba wethu waseZulwini, Wena unguNkulunkulu. Ngikhulekela ukuthi Uzopha, kulobubusuku, izinto abantu abazicelayo. Futhi ngikhulekela ukuthi UzoZibonakalisa uphila, ukunikeza induduzo.

157 Esikhashaneni esedlule, ngenkathi ngicela amakholwa ukuba aphakamise izandla zawo, Baba, ngokubona kwami, bekungamaphesenti ayikhulu, ukuthi bonke bebengamakholwa. Abaningi, iningi labo bonke lababantu ngiyisihambi kubo, kodwa Nkosi, Wena uyabazi.

158 Manje, ngibatshelile ukuthi—ukuthi kukhona isiPhephelo, uMbhoshongo, i—iDwala ezweni eliyethileyo, iNdawo ezweni eliyethileyo manje, ukuthi lapho singafika khona futhi siphephe. IBhayibheli lathi, "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, abalungileyo babalekela kuWo, futhi baphephile."

159 Manje, ukuqinisekisa ukuphepha, Nkosi, lapho abantu bezokwazi ukuthi akusikho ukuphepha kwehlelo, nguMoya oNgcwele, ukuphepha kweGazi, esingena kukho, makwazeke lokhu kulobubusuku, Nkosi, ukuthi UsenguJesu, ukuthi Uvukile kwabafileyo, ukuthi Wena manje ungumPristi oMkhulu owenza ukunxusela nga—nganoma yini esiyicelayo.

160 Sikholwa ukuthi Wasethembisa lokho, "Uma besingacela noma yini eGameni laKho bekuyokwenziwa." Wakwethembisa, "Uma besingahlala kuWe, nokwethu . . . namaZwi aKho kithi, khona-ke besingacela ebesikufuna, futhi besizonikwa khona."

161 Siyazi ukuthi Wena uyasigcina isethembiso saKho, Nkosi. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzobuqinisekisa uBukhona baKho, kulobubusuku. Futhi siyaKucela, Baba, ukuba usiphe izinto ezifanayo ukuba zenzeke lapha, kulobubusuku, phambi kwabantu, njengoba kwenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, ukuze bazi, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ukuthi uJesu akamdala ngosuku olulodwa, UnguKristu ofanayo Abehlala enguye, Angeke ahluleke noma akalokothi aguquke.

162 Ngiyakhuleka ukuthi Uzobanikeza induduzo. Futhi baphe kulobubusuku, Baba, ukuthi bona bazi ukuthi singabantu nje, futhi lezizinto bezingenzeke ukuba umuntu azenze, kodwa

uNkulunkulu wethembisa ukukwenza eBandleni laKhe—laKhe, ababizelwe ngaphandle baKhe, labo ababengaphansi kweGazi. Siphe khona, Baba.

163 Futhi uma bekhona phakathi lapha, kulobubusuku, ongekho ngaphansi kweGazi, kwangathi bangasheshа nangokumnandi, sengathi bangacela leloyonhlanhla, futhi ngiqinisekile ukuthi kuzophiwa. Siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

164 Manje, bandla, nina enigogobele, angikhulumi ngehlelo, Ngikhuluma ngani bantu ehlelweni, okuyiBandla, Ngicela lokhu, ukuthi kukhona indoda engadlula futhi isho noma yini efisa ukuyisho, kodwa ngaphandle uma kuvela eBhayibhelini, bengingaba manqika kancane ngakho.

165 Manje, uNkulunkulu angenza noma yini Afuna ukuyenza, UnguNkulunkulu, angiyena ongathi Akakwenzi. Unakekela umsebenzi waKhe uQobo, angeke ngisho nginakekela owami, kodwa ngethembele kuYe.

166 Kodwa uma Ethembisa, futhi kuyisibonakaliso seBhayibheli ma? Njengokuthi, "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Uma bengaphatha izinyoka, noma baphuze okubulalayo, bekungeke kubalimaze; Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Kuseyisikhashana, nezwe ngeke lisaNgibona; nokho niyakuNgibona, ngokuba Ngi," isabizwana somuntu, "yakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Nemisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Lezo yizibonakaliso zeBhayibheli, mngane. Lowo ngabakholwayo odlule ekufeni wangena ekuPhileni.

167 IBhayibheli liyasho ukuthi UnguMpristi oMkhulu ongathintwa ngokuzwelanga nobuthakathaka bethu. Manje, uma unobuthakathaka kulobubusuku, noma wazi othile onobuthakathaka kulobubusuku, uma nje ukhuleka futhi ukholwa nguNkulunkulu, uma nje ucela khona manje, ngiyamkholwa uNkulunkulu, ngoMoya waKhe oNgcwele phakathi kwethu lapha . . .

168 Manje, bangane, siyakubona lokhu, abaningi benu bakubonile kwenziwa, kodwa inkathazo ngabantu baseMelika, sikubonile kakhulu, kwejwayeleke kakhulu kithi manje.

169 Itilosi elidala laliqhamuka olwandle ngolunye usuku, futhi lahlangana nendoda yehla, imbongi eyayilobe ngolwandle, kodwa yayingakaze ilubone, futhi lathi, "Uyaphi, muntu wami olungile?"

170 Yathi, "Ngiya olwandle." Yathi, "O, ngibhale ngalo, engikufundile." Yathi, "Manje, ngizofunda ngalo." Yathi, "Ngiyehla ukuyoba nolwazi lokuzibonela ngalo. Ngine . . . O, inhliziyo yami ixhuxhume kanjani!" Yathi, "Ngifuna ukuhogela amagagasi alo anosawoti, ngifuna ukubona ukukhotha kwalo namagagasi emoyeni, ngifuna ukuzwa izinyoni zimpongoloza,

futhi ngibone izibhakabhaka eziluhlaza zizibonakalisa emanzini alo, amagagasi amhloshana alo lapho esina." Wayeyimbongi, ngakho wayengakwazi ngempela ukukuzwakalisa.

171 Futhi itilosi elidala lathi, "Angiboni lutho oluxhuxhumisayo kangako ngalo," lathi, "ngazalelwa kulo, eminyakeni engaphezu kwamashumi amane edlule." Niyabo, lalikubone kakhulu, kwaze kwaba ngokwejwayelekile kulo.

172 Yilokho okuyinkinga ngabantu beFull Gospel, kodwa ihora lizofika masinyane lapho eniyoKukhalela khona, futhi khona-ke ngeke niKubone. MaKungagugi kini, uMoya oNgcwele mawungalokothi uguge kini, kwangathi ungahlala uncwaba futhi umusha.

173 Kwangathi sonke isenzo sikaNkulunkulu zingaxhuxhumisa umphefumulo wami. Ngiyamangala ubusuku ngabunye, usuku ngalunye, njengoba ngihamba futhi ngiMbona njengoba Esho izinto, futhi ngikubone kwenzeka ngendlela Athi kuyokwenzeka ngayo, ukuthi Uyokubikezela kanjani izinyanga ngaphambi kokuba kufezeke, khona-ke kubheke impela nje, akwehluleki ngisho nangenhlansana eyodwa.

174 IZwi laKhe angeke lehluleke, UnguNkulunkulu. Futhi isiphephelo esinje okuyiso! Induduzo enje pho ukwazi ukuthi asisibo abantwana abashukunyisiwe nje, singazi ukuthi siyaphi, siyazi ukuthi siyaphi, uNkulunkulu wakwethembisa, Uqinisekisa izithembiso zaKhe.

175 Futhi abantu bangahle bakutshele ukuthi sinamadlingozi kakhulu, akusilo idlingozi, kusobala, khona, ngendlela eyodwa yidlingozi. Kodwa noma yini engenalo idlingozi ifile, ngakho uma inkolo yakho ingenalo idlingozi elincane ngakho, kungcono uyimbele, ngoba i—ifile. Ngakho impela kuyaxhuxhumisa.

176 Lapho uJesu efika khona, engena eJerusalema, abantu baklabalasa futhi bamemeza abantu baze bathi, "Bathulise."

177 Wathi, "Uma bethula, amadwala azomemeza ngokushesha." INdodana kaNkulunkulu yayisendleleni, futhi into ethize izophumela eBukhoneni baYo.

178 Manje, iNdodana kaNkulunkulu ilapha kulobubusuku, ngiyakukholwa lokho. Angisiyo iNdodana kaNkulunkulu, ngiyindodana kaNkulunkulu yokutholwa, njengoba unjalo, ngiyingxenye yoMoya waKhe. Futhi uma uMoya waKhe ukimi. . . Uma bengikutshele ukuthi benginomoya kaJohn Dillinger, ubungalindela ukuthi ngibe nezibhamu, futhi ngibe ngumgulukudu. Uma ngikutshele ukuthi umoya womdwebi ubukimi, ungilindele ukuthi ngidwebe izithombe. Uma ngikutshele ukuthi umoya wesosha elithile elikhulu, ulindele ukuthi ngazi zonke izikhali nakho konke, ngoba umoya wakhe ukimi. Uma ngikutshela ukuthi uMoya kaKristu ukimi, khona-ke ngifanele ngenze imisebenzi kaKristu, ngiphile uhlobo lokuPhila Aluphila, ukuPhila okunikelwe kwabantu, kunjalo.

179 Ngicabanga ngesikhathi lapho umprofethi eya kubantu, ngenkathi babefuna ukuzenza njengabanye abantu. Yilapho abenza khona iphutha elidabukisayo, ngenkathi befuna inkosi, befuna ukuziphatha njengabobonke abantu. Kubi kakhulu ukuthi sike sabeka ihlelo ePentecost, sibhidliza imigoqo, nezinto, kubi kakhulu, kunqume omunye umfo. Futhi besingafanele sifune ukuziphatha njengawo wonke amabandla, siyiqembu labantu abazelwe ngokusha, sikhululekile. Asiboshelwe phansi yizivumokholo zamuntu, sikhululekile kuKristu.

180 Manje, kodwa kwakukubi kakhulu ukuthi bakwenzile, kodwa sisakhululekile ngomusa kaNkulunkulu, futhi Unathi kulobubusuku. Asifanele sishukuyiswe ngapha nangapha, sithi, "Ufanele wenze *lokhu*, futhi ufanele wenze *lokho*, futhi wenze *lokho*," sibona nje uKristu eza phakathi kwethu. Futhi induduzo enje pho okuyiyo ukubona yena kanye uKristu ofanayo owethembisa, "Ngizoba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwendlela, ekupheleni kwezwe," futhi ehle ngqo futhi Azifakazise phakathi kwethu (Akumangalisi lokho na?), Ezenza onguye izolo, namuhla, naphakade.

181 Abekho abantu abaningi lapha engibaziyo. Nina bantu abagulayo, noma nina eninesifiso enhliziyweni yenu, futhi nazi ukuthi anginazi, noma ngazi isifiso senu, phakamisa isandla sakho. Awu, kukuyo yonke nje indawo. Kulungile. Anginakho ukulawula lokhu, kuyangilawula. Kodwa uma kwenzeka kuqhamuka kumuntu ongaziyo, nomuntu engihlangane naye noma okuthize, futhi engibaziyo, futhi bavela eJeffersonville noma ndawondawo, khona-ke kusho.

182 Kodwa ngifuna ukukubuza okuthize. Ngenkathi iNkosi yethu uJesu ima lapha emhlabeni futhi yabuka phezu kwezethameli zaYo, owesifazane omncane wathinta ingubo yaKhe ngolunye usuku, futhi Waphenduka futhi wathi, "Ubani Ongithintile na?" Wayengazi ukuthi kwakungubani, owesifazane omncane angahle ukuthi wayehlezi phansi, njengoba unjalo—unjalo laphaya, futhi Wenzani na? Wathi . . . Wamthola. Niyabo, Watho- . . . wayengenakucasha, futhi Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Wamtshela, ukopha kwakhe kwase kunqamukile, ngoba wayeMthintile. Manje, wakwenza lokho ngokwakhe. Manje, iBhayibheli lathi UngumPristi oMkhulu ongathintwa ngokuzwelana nobuthakathaka bethu.

183 Ngenkathi uPetru oNgcwele efika kuYe, umdobi omdala nje ongahloniphi, bona . . . siyatshelwa ukuthi Wayengenayo ngisho imfundo eyanele yokubhala igama lakhe uqobo, kodwa nokho kwamthokozisa uNkulunkulu ukumnika izihluthulelo zoMbuso, kunjalo, ngenxa yokukholwa kwakhe. Wayenesambulo sokuthi WayenguBani, Wathi, "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi."

184 Manje, uJesu akafile, Uyaphila, umPristi oMkhulu. Futhi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi UngumPristi oMkhulu ofanayo, uma uMthintile, Ubeyokwenza ngendlela efanayo. Ngabe kunjalo na? Manje, Wethembisa ukuthi lezizinto zaziyokwenziwa.

185 Ngiyakholelwa eBhayibhelini, ngikholwa ukuthi Lelo yiZwi likaNkulunkulu eliphelele. Angikholwa ukuthi sifanele siphume kuleloBhayibheli ukuze sithole noma yini, ukuthi zonke izethembiso zobuNkulunkulu ziphakathi lapho. NgiyaLikholwa ngenhliziyo yami yonke, wonke umphefumulo wami, onke amandla ami, nakho konke okukimi, ngiyaLikholwa. Ngingahle ngingabinakho ukukholwa okwanele ukwenza zonke izethembiso zifezeke, kodwa impela angeke ngime endleleni yalabo abanokukholwa, abaLikholwayo. Ngifuna uLikholwe ngakho konke okukuwe.

186 Manje, wonke umuntu, uma uKristu ubengangena phakathi kwethu ngoMoya oNgcwele, futhi uzoba nawe. . . Ningabantwana baKhe, amabhuloksi aseThempelini. Niyazi namuhla sizwa okuningi ngakho, njengoba kwakunjalo ezinsukwini zokuqala, kunobulungu obuningi kakhulu, "Sifanele sidonse amalungu *amaningi kangaka*."

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . IZwi, emadodaneni namadodakazi kaNkulunkulu. Yilokho kuphela. Sidinga isakhiwo samatshe abaziweyo kaMoya oNgcwele kaNkulunkulu.

187 IBhayibheli liyasho ukuthi "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili," amaHebheru 4:12. "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili." Lalela, iZwi, bangaki okholwayo ukuthi ekuqaleni wayekhona uLizwi na? Lokho ngukuthi, okokuqala Kwaba ngumcabango, futhi Kufanele kube ngumcabango, khona-ke, uma uzwakalisiwe, uba yiZwi. Futhi khona-ke, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu," ngenkathi ELikhuluma, "futhi uLizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu."

188 Manje, lowo kwakunguJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, Wehlulela imicabango yabantu, yilokho okwenza wonke amakholwa eqiniso azi ukuthi WayenguMprofethi uMose ayekhulume ngaye, uyovuswa. Babengenamprofethi amakhulu eminyaka.

189 Ngiyakholwa ukuthi sekuyisikhathi futhi, ukuthi, iBhayibheli liyathembisa ukuthi ngezinsuku zokugcina, lowoMoya uyofika phezu komhlaba, futhi uyobuyisela ukukholwa kwabantwana kubuyele koyise bePhentekoste futhi, kubuyele ekukholweni kwasekuqaleni. Ngikholwa ukuthi yiziNkanyiso zakusihlwa. Ngikholwa ukuthi Kulapha.

190 Ngiyakholwa ukuthi lowoMoya kaNkulunkulu, ukuthi uKristu, ulapha kulobubusuku. Futhi ngiyanicela, njengomngane wami, nomfowethu nodadewethu, niyakholwa ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ukhona. Futhi lapho ukukholwa lokho, Mthinte ngobuthakathaka bakho, ngokukholwa kwakho ukukukholwa, bese uthi, “Nkosi Nkulunkulu, uma lowo muntu, engangazi, angimazi, akangazi, kepha uma engitshele iqiniso, khona-ke uMoya waKho mawukhulume ngezindebe zakhe, futhi mangiKuthinte, futhi Uyakuqinisekisa ngezindebe zakhe.”

191 Njengoba owesifazane enza ngenkathi ethinte umphetho wengubo yaKhe ngalolosuku, uthinta ingubo yaKhe, ngokuba Angathintwa ngokukholwa kwakho, njengalowo wesifazane, mhlawumbe hhayi ngokwenyama, kodwa njengalowo wesifazane. Bekungakwenza ube nenjabulo futhi ujabule esiPhephelweni uma ku. . .uma ubungakwazi, ubungaMbona ekwenza na? Phakamisa izandla zakho uma ukholwa ukuthi Ubengakwenza. Ngiyabonga.

192 Manje, Baba, yilokho kuphela engikwaziyo ukukusho. Ngizama ukubatshela ngeNdawo ephephile abangaphumula kuyo nje, futhi, Nkulunkulu, phakathi Lapha ukuphulukisa, phakathi Lapha yiDwala ukuthi konke ukungakholwa kungashaywa ngakho kusuke konke, iDwala leZwi. Futhi kwangathi iZwi lingeza ngaphambili manje futhi lenziwe inyama phakathi kwethu. Futhi Lathi, “Libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, Lihlaba lahlukanise, futhi laHlulela imicabango yenhliziyo,” laHlulela imicabango yenhliziyo.

193 “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini, khona-ke celani enikuthandayo.” Nkosi, ngikhishiwe, nganyathelwa, ngehliswa, kodwa ngizamile ukuma ngithembekile, ngiyajabula ukukwenza ngeZwi laKho, maLihlale njalo enhliziyweni yami. Futhi phambi kwalezizethameli kulobubusuku, engizobuye ngime kuzo, ngolunye usuku, uma kungasekho emhlabeni, ngoSuku lwaloloSuku olukhulu lapho uJesu efika, nginakho. . .yazi ukuthi iZwi laKho liyiQiniso.

194 Ngisize, O Nkosi, ukuthi ngingakwazi ukusetshenziswa kulobubusuku. Futhi uma. . .Ngiyazi angisiso isazi sezenkolo, Baba, Awuzange ungibizele lokho, kodwa ngikhulekela ukuthi Uzovumela inkonzo Onginike yona ukuba ngibusise abantu ngayo, ize ngaphambili manje. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi iZwi lingeza, futhi libhoboze lingene *lapha*, futhi lahlulele imicabango yenhliziyo, ukuze abantu bazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu lihlezi kithi. EGameni likaJesu, ngiyakucela, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

195 Bukani ngapha, manje, ngisho lokhu njengoPetru noJohane, owedlula esangweni Elihle, wathi, “Sibheke.” Yilokho engicela ukuba nikwenze, bukani ngapha, hhayi kimi, kodwa lokho

engikushilo. Noma ngabe yini onesifiso enhliziyweni yakho ngakho, kholwa ukuthi uNkulunkulu uzokunika khona. Yithi, "Nkosi Jesu, mangiKuthinte."

196 Bangaki kulendlu abake babona isithombe salokho kuKhanya, iNgelosi yeNkosi, esilenga lapha eWashington na? Ngingumfowenu, lokho kuKhanya, uma ningaKubona, Akulengi amafidi amabili ukusuka kimi njengamanje. Kholwani nje. Uma ningenakuKubona, niyabo, khulekani, futhi nibone ukuthi uNkulunkulu angeke yini akuqinisekise. Lokho kuKhanya, uma lokho kuKhanya kuyilokho kuKhanya okufanayo okwahlangana noPawulu endleleni ezansi eDamaseku (Wathi, "NginguJesu," Wayebuyele kuNkulunkulu, ebuyele eMoyeni, uLizwi waba yinyama, Ubuyela eZwini.) uma Lokho kungukuKhanya okufanayo, Kuzoveza uhlobo olufanayo lokuPhila, isenzo esifanayo. Kubona na?

197 Lelinenekazi elihlezi khona lapha, ingabe siyizihambi omunye komunye, nenekazi na? Angikwazi, angikaze ngikubone. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi amaZwi engiwashumayelile liyiqiniso na? Futhi siyizihambi ngokuphelele komunye nomunye, wena nje, ngokwazi kwami, owesifazane ongenile, wahlala phansi lapha. Kodwa ubukholelwa okuthize, uzama ukuthola okuthize kuNkulunkulu. Futhi uma ngiyinceku kaNkulunkulu, futhi ngikhulume iqiniso likaNkulunkulu, neZwi likaNkulunkulu neqiniso kuhlezi phakathi *lapha*, LizoZiveza, Lizokumemezela. Uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha.

198 Ukhulekela othile, ngumntwana wakho, yileya ntombazane encane ehlezi khona lapho. Naleyo ntombazanyana, uyakholwa ukuthi Uzongitshela ukuthi yini engalungile ngayo na? Kungakusiza na? Inenkathazo yenhliziyo. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi wehlele lapho futhi ubeke izandla zakho kulowomntwana! Yehlela lapho, beka izandla zakho kulowomntwana.

199 Isibeletho esamzalayo kulomhlaba, isandla sikanina sibekwe phezu komntwana, Nkosi, uma ebenokukholwa okwanele ukuba athinte ingubo yaKho, khona-ke ngiza neNkemba kaNkulunkulu ngeZwi likaNkulunkulu ukuzokwenza ukuhlinza.

200 Phuma, Sathane, ngiyakukhulula ngeZwi likaNkulunkulu, lesethembiso, ukuthi lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Shiya intombazane, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Uyakholwa ukuthi izophila, futhi isinde na? Njengoba ukholiwe, kuzoba njalo.

201 Manje, ngicela omunye ukuba abuze owesifazane, ambuze ukuthi lonke iZwi elishiwo beliyiqiniso yini. Angimazi

owesifazane, angikaze ngimbone, angazi lutho ngaye, kodwa okushiwo kuyiqiniso.

202 Kuthiwani ngomuntu othile olapha na? Kuthiwani ngawe ukholwa na? Asithole okungenani ababili noma abathathu ozofakaza. Ngiyajabula ukuba kulesisiPhephelo, ngiphephile kuze kube phakade. Ngiyamthanda. Kumnandi kanjani ukuthembela kuJesu!

203 Inselelo enje kubantu! Wathembisa, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa. Kuyoba khona usuku olungayikuba yimini noma ubusuku." Kube wu—wusuku lobumnyama, okwanele nje ukuhamba nokwamukela. "Kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya."

204 Nenekazi elincane, uyezwa nje njengoba ungabanjalo ukuthi kukhona okwenzekile, NgiyaKubuka ngqo, lokho kuKhanya kuhlezi phezu kwakho ngqo, ngiyaKubuka. Angikaze ngikubone ngaphambilini, ngicabanga ukuthi siyizihambi omunye komunye. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

205 Kukhona ithunzi elimnyama elikuzungezile, yithunzi lokufa. Uhlushwa a—amathumba, nalawomathumba asebeleni lakho, emabeleni womabili. Iphesenti elikhulu lamabele akho ambozwe yithumba. Unethemba elilodwa: ukuthi unokukholwa okwanele kokuMthinta ukwenza into enjalo. Ungumuntu okahle, nginokuxhumana okuhle kukaMoya nawe. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyazi ukuthi angikwazi, futhi uyakwazi lokhu, uyazi ukuthi umuzwa omnandi wangempela ukuzungezile, lokho yilokho kuKhanya, lokho kukhazimula kokuKhanya.

206 Awuveli lapha, uvela kude nalapha, eBirmingham. Ngiyayibona leyo makethe kabhanana lapho. Igama lakho unguNkosazana Vincent, yiqiniso lelo. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Manje, ngalesisikhathi, nenekazi, sekusukile kuwe, lelothunzi ebeliphezu kwakho selihambile. Manje, ungangabazi, uzosinda.

207 Ngicela noma ubani ukuba eze abuze owesifazane, athole. Uma kungaba khona udokotela, kungani ungezi ubuze, futhi uxilonge na? Uyanqikaza kancane. Okungukuthi, ngiyazi ukuthi kukhona, ngakho—ngakho kungani ungakusho na? Ngangivame ukukumemeza lokho, kodwa kulimaza imizwa eminingi kakhulu.

208 Kuthiwani ngomuntu othile *olapha* na? Abanye benu emuva le ndawondawo, yibani nokukholwa. Angikwazi ukwenza lokhu, uyakwenza. Ngizama kuphela ukuMmela, ukuMbonakalisa, njengesibuko, kuwe, ngenza impilo yami isibuko saKhe, ukuze Azibonakalise Yena. Uyazi ukuthi angizazi lezizinto, futhi bengingekwazi ukuzenza. Mina nje . . . Yiba nokukholwa nje, futhi ungangabazi, kholwa.

209 Khona lapha emuva, yindoda, Kuphezu kwendoda. Iphethwe yisimo sokwethuka, ngethemba ukuthi ayikugeji. Ivela ePennsylvania. Nkulunkulu, ngisize. Mnu. Carnes, sukuma ume ngezinyawo zakho. Ngiyisihambi kuwe, angikwazi. Lezozinto ziyiqiniso, phakamisa isandla sakho. Hamba uye ekhaya, uphilile. UJesu Kristu uyakuphilisa.

Uyakholelwa kuNkulunkulu na? Uyakholwa futhi ukuthi ngikutshele iqiniso ngoJesu Kristu, uBukhona baKhe.

210 Ngikholwa ukuthi leyo yimigqa emithathu. Yini esinayo, omunye futhi na? Asedlule *lapha*. Kuthiwani ngabanye benu *lapho*. Nizokholwa na? Bangaki abahluphekile, abadinga usizo oluvela kuNkulunkulu, futhi niyakukholwa lokho. . .futhi awazi. . .uyazi ukuthi angisazi isimo sakho, phakamisa isandla sakho, uthi, "Yimi, ngi—ngiyakholwa." Yonke indawo nje. Yiba nokukholwa manje.

211 Lomfo omncane ohlezi lapha ophakamise isandla sakhe, ubengazi ukuthi ubunokukholwa okungako, ubuwazi na? Uma unokukholwa okwanele, esimweni sakho, ukubizela uNkulunkulu enkundleni, ungalokothi uthathe elinye iconsi lewiski inqobo nje uma usaphila, futhi ungalinge ubheme omunye usikilidi, kholwa nguNkulunkulu, futhi uzosindiswa. Uzokwamukela na? Uzokukholwa na? Kulungile, khona-ke hamba, futhi uNkulunkulu uyakusindisa.

212 Asithi, "Ayibongwe iNkosi." Uyakholwa ukuthi Ilapha na? Bangaki kini abangathanda ukuvuma ukungakholwa kwenu futhi ongathanda ukuthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi," eBukhoneni bukaMoya oNgcwele na? "Ngiyazi ukuthi akekho umuntu emhlabeni obengenza lezozinto. Yiba nomusa kimi." Vuma iphutha lakho, uthi kuNkulunkulu, "Bengi—benginganakile, Nkosi. Manje ngifuna ukungena kulenhlanganyelo enkulu, ngifuna ukungena kulesisiPhephelo. NgizoKukholwa ngenhliziyo yami yonke." Phakamisa isandla sakho futhi uthi, "Nkulunkulu, yimina, yimina, ngi—ngisekupheleni komgwaqo, ngi—ngifuna ukwenziwa ngilungile." Uyakukholwa na? Vuma izono zakho manje. Asikhuleke. Ngamunye wenu khulekani ngendlela okungeyenu uqobo.

213 Nkosi Jesu, singabantu, Nkosi, silungele ukuvuma izono zethu. Ngivuma izono zalababantu, ngivuma izono zami uqobo, asikholwanga kakhulu, Nkosi. Amahora aya ngokuba mnyama, iNdodana kaNkulunkulu izofika masinya nge. . .Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzothethelela izono zethu. Nkosi, ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele manje uzosusa konke ukungakholwa kithi.

214 O, uma nje Ubungangena enhliziyweni yethu kuphela, bekungaba nolunye uSuku lwePhentekoste, bekuyoba nesinjalo

i—isimo kulelibandla, naleliqembu labantu kulobubusuku, kuze kube yilapho kuzwakala umsindo ezweni lonke ekuseni.

215 Moya oNgcwele, yephula yonke imigoqo yesono. Kwangathi Kungadlula njengendiza ijethi yedlule isivimbelo sesono, futhi kunyakazise wonke amaketanga okungakholwa. Kwangathi lonke ukhozi lungashaya ikhanda lalo eDwaleni lemiNyaka kuze kube uMoya oNgcwele uthatha ukulawula okuphelele.

Sathane, uhluliwe, wehluliwe empini futhi, eGameni likaJesu Kristu, shiya lezizethameli, phuma kubo, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

216 Manje njengoba senizivumile izono zenu, manje njengoba senikholwa, niyakholwa ukuthi seniwahlulile wonke amaketango okuqonda kwenu, ukuthi akukho okukuvimbayo, ayikho neyodwa into endleleni yenu, kodwa niyakholwa ukuthi nikhululekile na? Niyakholwa ukuthi konke ukungakholwa sekusukile kini na? Niyakholwa ukuthi manje senikulesosikhoselo sokuphumula na? Nishiya yonke ingcindezi: "Ngizophulukiswa na? Ngingaphulukiswa na?" Usuvele uphulukisiwe.

217 "Mfowethu Branham, uma uzobeka izandla zakho phezu kwami . . ." Izandla zami azihlanganise lutho nakho, yisandla saKhe. Uma uyisoni, usuvele usindisiwe, kholwa nje, futhi ukwemukele, futhi usebenze kukho. Uma ugula, usuvele uphulukisiwe.

218 UNkulunkulu ubengama lapha futhi enze into efana naleyo, futhi makuthi umzenzisi, ukuthi omunye akazi ukuthi bakhuluma ngani, woza lapha futhi uzo—uzoqinisekisa u—umqambimanga, uzoqinisekisa umzenzisi na? UNkulunkulu akasebenzani nezoni, uNkulunkulu usebenzana neQiniso, neZwi laKhe liyiQiniso, futhi nginitshele iQiniso.

219 Futhi, bangane, ngithi, kulobubusuku, uma nizokholwa enginitshele khona, ngeke kubekhona-muntu obuthakathaka phakathi kwethu. Nonke niphilisiwe, ngemivimbo yaKhe senivele niphilisiwe. "Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe." Niyakukholwa na?

220 Manje, nina enikholelwa ekubekweni izandla, phakamisani izandla zenu beningamakholwa, khona-ke beka isandla sakho kumuntu othile ophambi kwakho esihlalweni. Beka isandla sakho lapho, wena ufuna . . .

221 IBhayibheli alisho ukuthi, "izandla zikaWilliam Branham," iBhayibheli alisho ukuthi, "izandla zika-Oral Roberts," iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela *labo* abakholwayo, uma *bona* bebeka izandla *zabo* kwabagulayo, bayakusinda." Manje, khulekani, khulekani, vumani; vumani ukuthi ninephutha. Tshelani uNkulunkulu ukuthi niyaMkholwa, futhi ningakwenza, wonke umuntu, aphiliswe ngokuphelele kulelihora. Kholwani. Haleluya! ( . . . ? . . . )

Bambelelani kukho, ningakudedeli. Hlala nakho, yisethembiso, uNkulunkulu washo njalo. Ningashukunyiswa ngakho konke, kholwani khona manje.

222 Ngiyakuthanda, ungumngane wami, angizami ukukhuluma ngokungahloniphi kuwe, kodwa ngi—ngiyakusho, ngifanele ngikubethele ngesipikili phansi noma uSathane uzokuphanga kukho, kusukela kulokhu kuvezwa okukhulu koBukhona bukaMoya oNgcwele lapha kulobubusuku. Ngaphandle kwethunzi lokungabaza, ubufakazi beBhayibheli lokho uNkulunkulu wathi kuyokwenzeka, kukhona uMoya ovunguzayo onamandla ozama ukungena ezethamelini, nokugcwalisa yonke imiphefumulo lapha ngoBukhona bukaNkulunkulu; ungamvumeli uSathane akususe kuwe, bambelela kukho, uze wedlule isivimbelo sokungakholwa. Amen.

223 Angikhathali ukuthi ukhubazeke kanjani, ukuthi ugula kanjani, ukuthi ungubani, noma ukuthi uvelaphi, Ngikuphonsela inselelo, eGameni likaJesu Kristu, uma ubuqonde lokho ngokusuka enhliziyweni yakho, sukuma ngezinyawo zakho futhi ukwamukele. Akunandaba ukuthi ungubani, ukuthi uyini, sukuma. Yilokho-ke, sukuma, yileyo indlela. Amen. Sukumani yonke indawo. Nakho-ke, izethameli eziphelele yonke indawo.

*Ukholo Lwami Lubheka Phezulu Kuwe.*

. . . ukholo lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
O, Msindisi . . .

Asiphakamise izandla zethu manje futhi siliculele Yena.

. . . Omkhulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa konke ukwesaba kwami,
O makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho ngokuphelele!

